


IMFUNZELELO

 Baba wethu oseZulwini, silokuthokoza limini ngalokhu, elinye ithuba lokuma kuphuluphithi, ukumemezela inotho engahlolisisekiyo kaJesu Khristu, emhlabeni ofayo lowo ongela Nkulunkulu, ongela Khristu, ongela themba, futhi ongela themba lokuhamba kanye loJesu lapho Esiza. Futhi siyazama, Nkosi, ukukwazisa uJesu Khristu ezizweni. Futhi lapho sisabuthene lapha limini, makuthi uMoya oNgcwele akhulume futhi akhudumeze izinhliziyi zethu, futhi asikhuthaze eNdleleni, makuthi abagulayo basiliswe lezoni zisindiswe, futhi lalabo abadangeleyo bakhuthazwe. Futhi makuthi uNkulunkulu amukele lonke udumo lokunhlonitshwa, futhi makuphiwe eBizweni Lakhe, ngoba leyo yinjongo yethu. Ngoba sikucela eBizweni likaJesu. Amen.

Hlalani phansi.

² Ngiyathaba limini ukuma lapha njalo, futhi laseBeaumont. Futhi ngivame ukuba ngidiniwe. Bengihamba kusukela ngeKhisimusi, ngingelakuma. Kayisikho kutshumayela kangako engikwenzayo, lokho okungenza ngidinwe. Kuyimbono engenza ngidinwe. INkosi yethu, owodwa wambangela ukuthi Atshibilike, futhi athi amandla Akhe Asemtshiyile. Umbono owodwa phezu komprofethi, uDanyeli, wathi wahlupheka ekhanda lakhe okwensuku ezinengi. Futhike kasi—kasingeke sichasise izinto lezo. Siyakwazi nje zinjalo, futhi kakula okwazi ngcono kulalabo okwenzakale kibo. Futhike siyathaba, loba kunjalo. Lokho engizama ukukwenza yikusebenzisa isipho sokuprofetha emsebenzini wokuvangela, futhi kakusebenzi ngaleyo ndlela, kulungile. Kunzima kakhulu.

³ Ngakho, kodwa ngifuna ukutsho lokhu, lapho ngisiza ekupheleni komgwaqo, futhi lapho lelidolobho lapha liphakama, futhi nxa i...lesi isizukulwane ensukwini zokucina, ka—kangifuni gazi lomuntu phezu kwami. Ngifuna ukukhululeka kulolonke igazi. Futhi ngizamile konke engikweneliso yo—ukukubeka ngendlela yoMbhala, linkonzo leyo iNkosi engiphileyo, ngayo yonke indlela engazi ngayo. Futhi ngiyazi uMoya oNgcwele, ngomusa Wakhe, uyangivumela ngiphile njalo, lokho kangicabangi kube khona amatshatha.

⁴ Ngiyathokoza kuMfowethu uPeary Green lakulaba abazalwane lapha labo ababeke imizamo yabo ukwenza lumhlangano uphumelele. Nxa kukhona umuntu olahlekileyo, kulelidolobho, kulesi sizukulwane, ngeqiniso kakuyi kuba phezu kwalawa amadoda, ngoba baphendule ilitshe lonke ukwenza ku-kuphumelele. Ukupha abantu ukudla, ukubatholela indawo zokulala, la—lakutelevision, yonke indawo, bethatha nje imali

iphuma ezikhwameni zabo futhi bayinikeza, ukuze khona... Bazi ukuthi a—a—amaxuku esilawo akasoze enlise ukusekela okunje ngalokho, futhike bayikhuphe ezikhwameni zabo, ukukwenza.

⁵ Ngakho ngicabanga lokho kuyamangalisa, njengomunye umuntu olombono onjengalokho. Ngiyakholwa kwakhulunywa kumaHebheru, isahluko 11, “Labo umhlaba ongabafanelanga.” Futhi lokukhupha intamo zabo phandle, esikhathini lapho i—inkonzo ingadumanga phakathi kwabantu abanengi kakhulu labo abafanele bayikholwe. Labo aba... .

⁶ Kukhulunywe ngayo, kodwa, lapho enye into isenzakala, khona-ke bayehluleka ukuyibona. Kodwa kumele kube ngaleyo ndlela. Li—limele nje liqondise amahlombe enu futhi liqhubeke lihamba, ukwazi lokho. Khumbula, phambi kwakho, kwakuyinto efanayo. Bamatsha besehla khona ngomgwaqo ngendlela efanayo. Abantu abakaze bazi ihola labo lovukavatselwa. Kakula owabaprofethi owake waziwa.

⁷ UJesu wathi, “Labafaka emathuneni. Liyawacecisa amathuna abo manje. Yini elabafaka phakathi lapho. Nguphi wabo lowo uNkulunkulu amthumayo elingazange limzingele lokumbulala?”

⁸ Kasikuthatheni kusukela lapho kusiya. Wehle phansi kuMartin Luther, futhi kusehla kusiya, awu, Irenaeus, loMartin oNgwele. Futhi kusehla phansi ezikhathini bekuyindlela efanayo, laku Jona... . UJoan waseArc, umprofethikazi weNkosi.

⁹ Lani bantu beKatolika. Lapho lowo mfazi wayebona imibono, lokunjalo, futhi abatshele, yayigcwaliseka njengalokho akukhulumileyo. Kuyini elakwenzayo? Lamtshisela esigodweni, lisithi ngumthakathi. Phose ukudlula kweminyaka engamakhulu amabili, lavuka futhi lafumana lokho elakwenzayo. Yeboke, bazihlawulisa, bagebha imizimba yalabo bapristi abamenza ukuthi atshiswe, futhi bawaphosela emfuleni. Lokho yinhlawulo enkulu yokwenza. Babehlulekile.

¹⁰ Bathi uPatrick oNgwele waye ngumKatolika weRoma. Loba ngubani oyaziyo imbali uyakwazi lokho akusikho. Yena ngoqobo, ngokugcizelela, akavumelananga lopapa. Waye ngahambi ukuyahlala... . Wa—waye ngeke akukhulwe lakancane. USucat kwakulibizo lakhe; lalingaso Patrick oNgwele. Kodwa emva kokuba esefile futhi engasekho, futhi libulala izinkulungwane zabantwana bakhe. Izikolo zakhe, wayengavumeli isiphambano kumbe ulutho lube sezikolweni zakhe, futhi kulokhu kunjalo, phezulu eNyakatho Ireland lamuhla, yinto efanayo. Wa—wayengeke avumele lokho kungena ezikolweni zakhe. Wathi, “Abantu bazabe bekhangelana izithombe, kulalokho afuna ukuthi bakubone.” Waye lamandla kaMoya oNgwele. Wakhuluma ngendimi. Waye lezimangaliso

ezinkulu lezibonakaliso. Kungani ibandla lingatshumayeli lokho lamuhla? Bona?

¹¹ Futhi bonke labo abantu, kabazange babebazi baze bahamba, bedlula, khona-ke siyazama ukwakha amathuna abo. Kuliqiniso ukuthi siphila e. . .

¹² Ibandla lihlezi liphila ekubenezeleni kokukhanya kolunye usuku. Futhi, khona-ke, ukubenezela yikukhanya kwamanga. Kuyini ukubenezela? Kunjenga majankalajimu emgwaqweni. Ilanga liyakhazimulisa phansi futhi lenze amajankalajimu. Kukhangeleka njengamanzi, kodwa, khona, kawunge ufike kikho; kakukho. Yiyo indlela abantu abenza ngayo lamuhla. Bathembisa into ezakuba ikhatshana, kumbe into esemuva le, kumbe phezulu lapha, kodwa kabasoze bafike kiyo.

¹³ Ngilokubonga okukhulu ukuthi uNkulunkulu wethu kayisuye uNkulunkulu onjalo. “Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini.” Sifika kikho lapho sikukholwa. Kukhona lapho, yonke into eyathenjiswa esikhathini. Kukwenza kube lukhuni, kodwa-ke lapho kumele siqhubeke sihamba ngokufanayo, sikholwa.

¹⁴ Futhi ngeqiniso ngiyalithakazelela lonke ukusebenzela kwenu ndawonye lapho ngilapha edolobheni.

¹⁵ Ngangilapha iminyaka eminengi edluleyo kanye lomngane wami omdala, uMfowethu Bosworth, loRaymond Richey, labanengi babazalwane ababuyayo lapha. Ngilokhu ngikholwa iVangeli elifanayo. Kangintshintshanga lakancinyane; lokhe nje kuyinto efanayo. Kodwa, uyabona, imvuselelo yayiqhubekela phambili lapho. Futhi lapho okungela mvuselelo, kawungeke nje wenelise ukuba izinto zenziwe.

¹⁶ Inkonzo isihambe phambili sibili. Yayilitshela kuphela, ngalesosikhathi, lokhu kwakuzakuza. Bangaki abakukhumbulayo lokho? Sibili, liyakukhumbula. Futhi kwabuya khona kanye njengalokho okwathi kuzakwenza.

¹⁷ Khona-ke ngangizathatha abantu futhi ngibeke izandla zami phezu kwabo; Ngalitshela lokho Angitshela khona, futhi yiyo indlela okwenzakala ngayo. Kuyikho khona kanye. Kakukaze kwehluleke ukubaliqiniso, sikhathi sinye ngasinye, ngakho kufanele kubuye kuvela kuNkulunkulu. Kakula muntu owaye ngakuthandabuza lokho. Kodwa, uyabona, imvuselelo kayiqhubeki.

¹⁸ Ubukho bakho nje, ukuhamba kanye labantu, ngani, abantu babephakama baphume emibhedeni laku mastretsha, futhi bahambe yonke indawo. Beka nje izandla zakho phezu kwabo, futhi, minabo, lokho nje kwabenza badayizele. Ngabona imizila lapho okuba khona amane futhi amahlanu amakhulu abantu besiza emizileni, izacuthe, izimungulu, iziphofu, abalenxwala, futhi kungela ngitsho loyedwa wabo owehlulekayo kodwa ukuthi basiliswa, bonke munye lamunye wabo.

¹⁹ Kuzame lamuhla. Bona, kakulamlo. ERoma, lapho i-imililo icitsha ethempelini eVista, abantu bahamba ngekhaya. Bona? Manje kakula mlilo wemvuselelo ukukusekela, bona, ku, kuyikho lokho nje.

²⁰ Emva kwesikhatshana, nxa umhlaba usima, bazaqala ukuphila ekubenezeleni njalo. Bona? futhi yiyo indlela okuhlezi kusenxa ngayo, kwedlula futhi kwabeqa bonke; futhi lesi sizukulwane sizakwahlulelwa ngalokho okwadlula kubo, bahluleka ukukubona.

²¹ UJesu Khristu uyaphila limini. Uhamba hamba lapha kanye lathi khathesi. Uhlala ekhona. “Lapho ababili kumbe abathathu bebuthene eBizweni Lami, Ngiphakathi kwabo.” Kukholwe lokho, awungeke na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.]

²² Ngithemba, nxa iNkosi iphuza, ngizakuphenduka futhi ngizokuba lani kwesinye isikhathi, njalo. Uba ngingasoze ngilibone njalo; lapho ngihlangana lani esiHlalweni soKwahlulela sikaKhristu, lapho esizahlangana khona sonke, khumbula, ngilitshela iQiniso. Ngizabe ngilokhu ngikutsho lokho lapho ngihlangana lani Khonale. Kuze kube lapho, makuthi iNkosi ilibusise, kakhulu.

²³ Lingikhulekele. Ngifuna imikhuleko yenu. Angise mcinyane njengalokho engangiyikho ngaleso sikhathi. Kungaba yiminyaka elitshumi lambili, elitshumi lane edluleyo.

²⁴ Futhi omunye umuntu wangibuza ngolunye usuku, wathi, “Uleminyaka emingaki, Mfowethu Branham?”

²⁵ Ngathi, “ngisanda kudlula amatshumi amabili lanhlanu.” Ngathi, “Amatshumi amabili lanhlanu edluleyo nga-ngayedlula.” Futhi nga...kali...U—ungakutsho. Umuntu kuphela...

²⁶ Lapho uzalwa, uyaqala ukukhula, njenge khandlela, kumbe utshiswa. Uyalumathiswa, kodwa uyakhula uze ube phose amatshumi amabili lambili kusiya kumatshumi amabili lantathu. Kangila ndaba lokuthi uzinakekela okuhle okunganani, uyaqala ukufa khona lapho, futhi uyaqhubeka usehla lokwehla kuze kutshe kuphele.

²⁷ Ngabuza, eKiwani ngolunye usuku lapho ngangikhuluma, ngathi, “Ngifuna omunye umuntu...”

²⁸ Udokotela wangitshela, wathi, “angeke ngikhholwe indaba kaKhristu, ngoba angeke ngikhholwe ukuzala kwentombi emsulwa.” Wathi, “kangikhholwa ukuthi kulento enjalo.”

²⁹ Ngathi, “Ukuzala kwemvelo kuyimfihlakalo kakhulu kimi kulokuzala kwentombi emsulwa.”

³⁰ Ukuzala kwemvelo, ukubona ukuthi kwenzakala njani, lokuthi kunqunywa njani, lapho lokho kuhlanguka, liqanda liphi, lapho kulenkulungwane zembewana lenkulungwane zamaqanda. Hatshi awokuqala amabili ukuhlangana, kuhle

kube yikho, kodwa mhlawumbe... Uthi, “Awu, okubili phambili.” O, hatshi. Bona, kuzakuma. Eyodwa mhlawumbe izaphakama, imbewana evela ngasemuva kobudoda, kuleli icele, futhi iqanda eliphakathi liyanquma loba kuzakuba yinkazana kumbe umfana, olenwele ezimnyama, olenwele ezibomvu, amehlo aluhlaza owesibhakabhaka, kumbe loba kuyini okuzakuba yikho. Kulento eyenza leso sinqumo. Okunye kwakho kuyoma.

³¹ Kuyimfihlakalo kakhulu ukubona umsebenzi kaNkulunkulu, futhike ukubona abantu belengqondo encinyane ekhawulayo, njengalokhu esiyikho, bezama ukwala imisebenzi yaKhe emikhulu!

³² Leyi ndoda yathi kimi, awu, yena “wayengeke akholwe loba yini leyo engeke ifakazelwe ngokwe zesayensi.”

Ngathi, “Uyakholwa ukuthi ulomphefumulo?”

Wathi, “Sibili.”

³³ Ngathi, “Khona-ke kufakazele kimi ngokwe sayensi ukuthi ulawo.” Ngathi, “U—uyakholwa ukuthi kulento enjengothando?”

Wathi, “Sibili.”

Ngathi, “Uyamthanda umkakho?”

“Yebo.”

³⁴ Ngathi, “Khona-ke akungitshengise, ngokwe sayensi, yiphi ingxenye yakho eluthando. Ngifuna ukuthenga enye. Ngizahamba esitolo semithi, loba ngaphi lapho abaluthengisayo. Ngifuna lonke olunengi lwalo. Ngithanda ukuthenga uthando.” Bona? I. . .

³⁵ Zonke izikhali zikaNkulunkulu ngezomoya. Uthando, intokozo, ukuthula, isineke, ukuthambeka, ubumnene, ukubekezela, futhi loMoya oNgcwele. Bona? Sonke isikahli somkholwa sikhangele kokungaBonwayo, ukholwa lokho okukhuluniweyo. Bona? Kawukuboni lokho okukholwayo. Bona? Kawukuboni. Kawukuboni khona, kungenani. Ukukhangela, ngamehlo akho; ubona ngenhliziyo yakho. Bona? Ukhangelala loba yini, uthi, “Kangikuboni khona nje,” utsho ukuthi kawukuzwisisi. Bona?

³⁶ Ngakho ngambuza lokhu, ngathi, “uba bengile jagi yamanzi, futhi ngibeke ingilazi lapha. Futhi ngithulula amanzi kuleyi ijagi, ngiwathela engilazini, futhi ibisigwala okuyingxenye; futhi-ke ngiqhubeke nje ngithela amanzi, futhi-ke kuyaqala ukuya phansi. Ngokwe sayensi ngitshela lapho amanzi aya khona.” Bona?

³⁷ Ngathi, “Lapho ngisasengumfana omncinyane, iminyaka elitshumi lesithupha ubudala, ngangisidla ukudla okufana lengikudlayo khona khathesi, indumba, isinkwa, amagwili,

inyama.” Ngathi, “Sonke isikhathi ngisidla, kuyini okwakukwenza? Kwakha izakhiwo zezicucu zegazi, ngakhula njalo ngaqina, isikhathi sonke. Futhi lapho ngifikisa mhlawumbe amatshumi amabili. . . ngadla okunengi lokugcono manje kulalokho engakwenzayo kuqala, ngoba ngangi ngelakho lapho okokudla, kodwa ngidla okunengi lokungcono kulalokho engangikwenza. Manje, sengisiba mdala futhi ngiphela amandla. Futhi, kukanti, lokho kudla kwakha izakhiwo zezicucu zegazi. Ngingezelela impilo entsha isikhathi sonke, futhi ngisehla phansi isikhathi sonke.” Yisikhathi esimisiweyo. Sizasigcina, lokho kukanye loNkulunkulu. Kunjalo. Siza kwenza njalo.

³⁸ Ungeke ufakaze uNkulunkulu ngokwe sayensi. Uyamkholwa nje uNkulunkulu, futhi uyaMkholwa ngokweLizwi Lakhe.

³⁹ Manje, limini, ngifuna ukubonga munye lamunye wenu. Udadewethu omcinyane omuhle lapho ku—kupiyo, lowu olapha. Futhi lonke lina bantu, batshumayeli, munye lamunye wenu, iNkosi ilibusise.

⁴⁰ Ubusuku kabuyi kuba mnyama kakhulu, izulu kaliyi kuna kakhulu, kodwa lokho ngizalisiza uba ngisenelisa. Ngangivame ukuthi ngangibuya kini, kodwa sokulabanengi khathesi. Kube, Ngifike umhlaba wonke, uyabona, futhi kukuyo yonke indawo. Kodwa ngifonele nje indandatho, kumbe ungibhalele incwadi; ngizakuthumela ilembu lomkhuleko, loba yini engingayenza, yonke into kayibizi lutho impela. Kakula mali kulokhu. Bona? I. . .

⁴¹ Ngagcina imihlangano yami injengalokhu ukuze ngenelise ukubuya lapho abangela mali khona. Ngabamba umhlangano, lapha kungasikude, phakathi kwe—kwethabhanekeli elali thwele abantu abangamatshumi amabili kuphela, imihlangano yobusuku obubili. Kwakukubi, kuqanda phose itshumi phansi kwezero, kodwa iNkosi yangithumela lapho futhi into ezinkulu zenzakala.

⁴² Kangila—kangila zinhlelo ezinkulu, umsakazo, itelelevision, lakho konke okunye lokhu. Abanye abafowethu balakho lokho. Mhlawumbe bakhaliiphile, amadoda ezingqondo. Bayakwazi okokwenza, futhi iNkosi iyakuvumela. Njengo, Oral Roberts, lamadoda anjalo lawo okufanele babe lenkulungwane zamadola ngosuku, angeke asebenze ngeyinye indlela; futhi lokho ngokwe mbangela enhle. Futhi lokho kayisikho okwami.

⁴³ Ngangifuna eyami ihlale imincinyane njalo ithobile, loba ngaphi engingaya khona, futhi loba ngaphi uNkulunkulu angibiza khona. Kangila lutho lokungibamba khona-ke. Ngiyasuka nje futhi ngihambe loba kungaphi okukhona. Yiyo inkonzo yami.

⁴⁴ Lingikhulekele, ukuthi iNkosi ingisize ukugcina uKholo, futhi ngingakhangele emuva; ngikhangele phambili lapho engiya khona. Hatshi ukukhangela lapho engangikhona; ngikhangele

lapho engiya khona. “Ngikhohlwa lezo zinto ezedlulayo, sikhuthalela ukufinyelela ukubizwa kwaphezulu kuKhristu.”

⁴⁵ Ngifuna ukubala okunye okuvela eBhayibhilini likaNkulunkulu, lamuhla. Ngikhethe nje isifundo esincinyane, ngoba ngalitshela ngizakwehla ngibuye futhi ngikhulekele abagulayo limini. Bonke labo abaphethe amakhadi okukhulekelwa, futhi lalabo abafuna ukukhulekelwa, bazakhulekelwa. Sizakwenza lokho. Futhi ngihlezi ngizama ukugcina isithembiso sami.

⁴⁶ Manje, omunye umuntu, lapho usitsho lokho, uthi, “Awu, wathembisa ukuba sendaweni ethile.”

⁴⁷ Ngingeke ngithandabuze kodwa ukuba kukhona indawo ezine kumbe ezihlanu eUnited States khona lapha, engifanele ngibe khona lamuhla, lapho omunye umuntu athi ngizakuba khona lapho. Angizange ngithi ngizakuba lapho. Kodwa bayakutsho khona, uyabona, bekubeke ephapheni. Futhi bayafonela ekhaya, sonke isikhathi, “Awu, luyini uhlupho?” Bathi kumkami, kumbe abanye abasebenza ehofisini, “Awu, ubefanele abe lapha. Bazisa ngaye lapha. Awu, isaziso sisephapheni.” Angizange ngazi lutho ngakho. Angeke ngenze lutho ngalokho. Ngilomlandu kuphela ngalokho engikutshoyo, ngokwami.

⁴⁸ Ngakho manje, limini, ngifuna sonke njalo, nxa sithanda, sisukume ekubaleni kweLizwi.

⁴⁹ Futhi sizazama ukuphuma phakathi mhlawumbe kwehola linye, iNkosi ithanda, ukuze libe liqinile ukuya enkozweni lobubusuku. Futhi isizatho silemihlangano leyi ngeSonto emini, ukuze singaphangi muntu emabandleni enu. Abantu abafuna ukukhulekelwa lapha, abagulayo labahluphekileyo, awu, sihlezi sifika ekubakhulekeleni, khona-ke kakuphambanisi inkonzo yenu.

⁵⁰ Akulandaba, kulezikhathi ezinengi kulendoda enginga vumel-...engingavumelani layo, labo kabavumelani lami. Kodwa uba kungeke kubephezu kokuvumela abanye, futhi laphezu kwemicabango yobudlelwano obungcono futhi lezinto, khona-ke a—angiyi kutsho ulutho ngakho. Uba ngingavumelani lomuntu, khona kangako, uba ngingeke ngibeke ingalo yami kuye futhi, kuvela enhliziyweni yami, ukwazi ungumfowami, khona-ke angifanelanga ukube ngikhuluma laye. Kunjalo. Kumele senze lokho.

⁵¹ Manje lina elifuna ukuvula emaBhayibhilini enu, vulani kuIsaya, isahluko 6. Ngifuna ukubala kuvela lapho limini, ekubaleni inkonzo, ngithathe isifundo.

Ngomnyaka lowo...uUziya esifa ngabona iNkosi ihlezi phezu kwesihlalo, esiphazulu lesiphakemeyo, umсила wengubo yakhe wagwalisa ithempeli.

Ngaphezu kwayo kwakumi amaserafi: yilelo lalelo . . . lilempiko eziyisithupha; ngezimbili lagubuzela ubuso balo, ngezimbili lagubuzela inyawo zalo, langezimbili laphapha.

Elinye lamemeza kwelinye, futhi lathi, Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu wamabandla: umhlaba wonke ugcwele inkazimulo yayo.

Futhi insika zomnyango zanyikinyeka ngenxa yelizwi lakhe omemezayo, futhi indlu yagcwala intuthu.

Ngasengisithi, Maye kimi! ngoba ngiphelile; ngoba ngingumuntu olendebe ezingcolileyo, futhi ngihlala phakathi kwabantu abalendebe ezingcolileyo: ngoba amehlo ami abonile iNkosi, iNkosi yamabandla.

Kwaseliphaphela kimi elinye lamaserafi, liphethe ilahle elivuthayo esandleni salo, elalilithethe ngodlawu elathini:

Futhi lathinta umlomo wami ngalo, futhi lathi, Khangela, lokhu kuthintile indebe zakho; lobubi bakho bususiwe, lesono sakho sithethelelwe.

Njalo ngase ngisizwa ilizwi leNkosi, lisithi, Ngubani engizamthuma, futhi ngubani ozakusiyela? Ngase ngisithi, Nangu mina; thuma mina.

⁵² Asikhothamiseni amakhanda ethu.

⁵³ Nkosi eloMusa kakhulu, thatha amazwi lawa, futhi makuthi ukuzindla kwenhliziyo zethu khathesi kwamukeleke Kuwe. Makuthi uMoya oNgcwele omkhulu ahambe ezindebeni zesikhulumi lasendlebeni zomlaleli, ukuthi ndawonye kulethe inhlonipho eBizweni Lakho, ngeLizwi Lakho, ngoba sikucela okwenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

Lingahlala phansi.

⁵⁴ Ngizaqaphela manje, ukuthi, ukuze sibe lesikhathi esinengi enkonzweni yomkhuleko. Manje lalelisani lapho ngizama, ngale iMibhalo emilutshwana lamanothi engiwabhale phansi lapha, ukukukhuluma. Kwezinye izikhathi, kangidinwanga lokukhathala, kangikaze (ngaphi) ngibhale phansi uMibhalo, ngisazi ukuthi ngingawukhumbula. Kodwa ngesikhathi esedluleyo besekunjalo kwezinye izikhathi nje ngiyakhoh- . . . angeke ngicabange ngakho. Ngakho ngiya bhala phansi lapha, o—okuyinto okuncinyane njengo Mbhalo othile, Ngiyakwazi ukuthi lokho kutshoni, futhi nje ngihambe kusukela lapho kusiya.

⁵⁵ Ngifuna ukukhuluma ngesifundo ye: *Imfunzelelo*.

⁵⁶ Manje, liyazi, kulomunye umuntu omfunzelelayo. Impilo yakho yincwadi elotshiweyo ebalwa ngumuntu wonke. Ngakho-ke, uba impilo yakho ingahambelani lobufakazi bakho, kumbe

ubufakazi bakho mayelana lempilo yakho, bengisitsho, khona-ke kule...ubeka isikhubekiso endleleni yomunye umuntu, ngoba omunye umuntu ukukhangele. Omunye umntwana omncinyane ukhangele unina, ukhangele uyise.

⁵⁷ Lapha iminyaka edluleyo, ngabala indatshana encinyane, ngesikhathi seKhisimusi, eyayi...sibili yakhudumeza inhliziyoyami, yayidabukisa. Lapho i-i-indoda yayiphumile, futhi yayiyindoda elungileyo, wayenga-wayenga nathi, sibili. Kodwa wa-waye phumile phandle, ngesikhathi seKhisimusi, futhi evakatshela abangane bakhe, futhi bonke bathi kuye, bathi, "John, thatha okuncinyane, natha nje kancinyane," futhi kusukela indlu ngendlu wa-wanatha okunengi. Futhi kwakumele abuyele ngekhaya. Futhi esedlula ephakhi, umfanyana wakhe wayelaye, futhi wa-walahlekelwa ngumfana omncinyane. Futhi watshibilika lapho futhi wakhangele, futhi umfana omncinyane wayehamba nje kusukela kwelinye icele esiya kwelinye. Futhi ubaba wamlindela waze wafika kuye lumfana omncinyane.

⁵⁸ Wathi, "Kungani uhamba ugqwala iphakhi yonke, ndodana? Kuyini okukwenza uhambe njalo?"

⁵⁹ Wathi, "Baba, ngizama ukuhamba emanyathelweni akho." Futhi lokho kunjalo. Bona? Omncinyane... .

⁶⁰ Indoda yaphakamisa lumfana omncinyane, wahlala phansi, wathatha lumfana omncinyane engalweni zayo. Wathi, "Nkulunkulu, Ngixolele. Ngifuna ukuhamba ngiqondile, ukuze indodana yami ngemuva kwami ihambe iqondile."

⁶¹ Futhi yikho lokho esifuna ukukwenza, njenga maKhristu. Sifuna ukuhamba njenga maKhristu, siphile njenga maKhristu, sikhulume njenga maKhristu.

⁶² Iminyaka eminengi edluleyo, lapho babejwayele ukuba lobugqili eNingizimu, bona phansi, eKentucky laseAlabama, futhi phansi lapho engivela khona. Babejwayele ukuthatha abasundu futhi babathengise emkambo,—eblokweni yokuthengisela emkambo, njengokuthi nxa ulemota ezake zasetshenziswa kumbe enye into. Ngiyakholwa akulamuntu ofanele abe yisigqili. "UNKulunkulu wenza umuntu, njalo umuntu wenza izigqili." Futhi babejwayele ukubuya futhi bezithenge, njengalokho ungathenga imota eyake yasetshenziswa, uthathe incwadi yokuthengiselwa, lokunjalo. Leyo kwakuyinto esabekayo.

⁶³ Ngakho ba...ngolunye usuku, kwakulomthengi owabuyayo uku...othenga athengisele abanye, uku...epulazini elidala elalile zigqili ezinengi. Futhi wathi, "Ulezigqili ezingaki?"

"O," wathi, "phose ikhulu lamatshumi amahlanu phandle le, ngiya themba."

Wathi, "Nginga phuma phandle futhi ngizikhangele?"

Wathi, “Sibili, zisize.”

⁶⁴ Ngakho waphuma phandle ukuyakhangela i—izigqili. Futhi lapho ekhangela lapho, wananzelela laba bafo, izikhathi zonke babe danile. Bona, amaBoer, babaletsa bevela eAfrica babethulela eCuba phandle lapho, futhi babathumela ngapha eNingizimu futhi babathengisa njenge zigqili. Futhi babekwazi ukuthi kabasoze babuyele ekhaya. Babekwazi ukuthi kabasoze baphinde babone obaba babo labomama, njalo, kumbe abantwababo, amadoda, abafazi, lokunjalo. Babe—babe yizihlupheki zomumo lowo abanga zenzelanga wona. Futhi nampa belapha, khatshana lasekhaya, futhi bedanile. Futhi kwezinye izikhathi babe thatha imchilo futhi baba bhule, njenga lokho abakwenza isilo, inkomo, lenkabi, amabhiza, lezinto, njalo-ke ba—babebayenza basebenze.

⁶⁵ Futhi lokhu, bananzelela, lumthenga athengise omcane wananzelela kwakulomunye walezo zigqili ezincane babenga dingi ukumtshaya ngomchilo. Minabo, wayephakamise isilevu sakhe phezulu, amahlombe akhe ngemuva, futhi waye khona kanye endaweni sonke isikhathi. Babe ngadingi ukwenza loba yini kuye. [UMfowethu Branham utshayanisa umunwe wakhe—Mhl.] Waye lomsebenzi wenziwe. Ngakho umnini wezigqili wathi . . . Umthenga athengise wathi kolumnini, wathi, “ngithanda ukuthenga isigqili leso.”

Wathi, “O, hatshi.” Wathi, “Akathengiswa.”

⁶⁶ Wathi, “Awu, kungani engathengiswa?” Wathi, “Kuyini wena,” wathi, “kuyini oku . . . Kuyini okumenza abengaleyo ndlela?” Wathi, “nguye oyinduna phezu kwabo bonke?”

Wathi, “O, hatshi. Uyisigqili.”

Wathi, “Umupha ukudla okwehlukane lalokho okwenzela abanye?”

⁶⁷ Wathi, “Hatshi, bonke badlela phandle emabhodweni, ndawonye.” Wathi, “Uyisigqili nje.”

⁶⁸ Wathi, “Awu, kuyini okumenza enze okwahlukileyo kulezinye?”

⁶⁹ Wathi, “Uyazi, ngangihlala ngimangala ngalokho, lami, ngaze ngafumana ukuthi phetsheya kibo, eAfrica lapho abavela khona, ubaba wakhe yinkosi yesizwe. Futhi, kunjalo, ungowe zizweni, khatshana lasekhaya, kodwa uyakwazi uyindodana yenkosi, futhi wenza njengakho.” O, minabo!

⁷⁰ Kuyini amaKhristu okufanele bakwenze? Singamadodana lamadodakazi eNkosi. Lanxa singabe zizweni, kasenzeni njengamadodana lamadodakazi. Bafazi, yekani inwele zenu zikhule. Yekelani ukugqoka impahla lezo elizigqokayo, ezingela kuziphatha lezinto. Madoda, buyelani lapho indoda okufanele ibekhona. Linga . . . Yenzani njenga madodana lamadodakazi

kaNkulunkulu. Lingabe zizweni lapha, kodwa, khumbula, singa madodana eNkosi.

⁷¹ Bona imfunzelelo leyo ndoda eyayilayo phezu kwabanye babo, isimo sokuziphatha kwakhe kwagcina amathemba abanye ephakeme.

⁷² Siyathola ukuthi inkosi leyi, uUziya, wayengumfana owelusayo ezinsukwini zikaIsaya, umprofethi. UIsaya waye ngumprofethi.

⁷³ Abaprofethi bayazalwa. Kabaphongu bekwa izandla nje phezu kwabo, futhi bebenza abaprofethi. Bayazalwa, begcotshwe ngaphambili nguNkulunkulu. “Izipho lokubizwa akulani lokuphenduka.” Kule—kulesipho sesiprofetho ebandleni, futhi kumele sahlulelwe ngabantu abathathu ngaphambi kokuba ilizwi lizwakale phakathi kwebandla, kodwa leso yisipho nje sokuprofetha. Kodwa umprofethi ugcotshwe ngoqobo ngoITSHO KANJE INKOSI, kusukela ebuntwaneni kusiya.

⁷⁴ Futhi uIsaya waye ngumprofethi weNkosi, futhi waye yisiwe ethempelini. Futhi wayele...Lu uUziya, lumfana omcane ongumalusi, waye—waye yimfunzelelo enkulu phezu kwalumprofethi omcinyane. Ngoba, uUziya, kuMilando yesiBili 26, iyasitshela ukuthi waye sebe yiNkosi yakoIsrayeli lapho eleminyaka elitshumi lasithupha ubudala. Ubaba wakhe uAmaziya wafa, futhi wathatha indawo yakhe, ukubusa, njengoba kwakulisiko ukuthi i—indodana ingene esikhundleni se—senkosi. Futhi bamthatha futhi bamenza inkosi lapho nje eleminyaka elitshumi lasithupha ubudala. Futhi waye lobaba wakhe, uUziya...UAmaziya waye—wayeyindoda enkulu. Waye yi—yi—yindoda elobunkulunkulu. Futhi elalumzali olobunkulunkulu, awu, kwamenza wenza into leyo eyayiqondile, ngoba wayefunzeleliswe ngubaba wakhe. Bona?

⁷⁵ Lamuhla, ungakhangelela njani kodwa ukuthi kasiyi kuba labanengi oOswald labo Jack Ruby. Khangela e...ngisuke ehoteleni yami, isikhatshana esedluleyo, futhi ingcekeza yexuku elinjalo labadakiweyo lamaCalifornia le, belele phandle lapho, bona abafazi behlubulile benqunu phandle kulokho, phandle le lentanjana nje encinyane ibaphothile, kumbe enye into enjalo, phandle le. Futhi amadoda enatha iwiski ku—ku ayisi lezinto, futhi beqhubeka, bewela emachibini. Unga khangelela kanjani abantwana babo, abancane lapho egumeni, bedlala khonapho, ukuthi babe lulutho kodwa ukuba nguOswald kumbe enye into enjengalokho? Yimfunzelelo ebekwe phambi kwabo.

⁷⁶ O, iMelika isibolile yaze yafika emongweni. Izavuna lokho eyakuhlanyelayo. UNkulunkulu olungileyo angeke ayiyekele iphunyuke ngakho konke.

Uthi, “Ungu’Mel- . . .”

⁷⁷ Mina, ngokuqinisekileyo, NgingumMelika. Ezinkundleni, eGermany laseJapan, kulamathuna amaMelika abekwe uphawu konke—konke lapho, abantu bami, oBranham. Futhi aluba ngangi ngahamba, nganginga nikela impilo yami kikho.

⁷⁸ Kodwa wothi ngilitshela enye into. Sidinga ukuyaluzwa, lesisizwe siyakudinga. Izinto esake sabalazo, sesazilahla, futhi sizama ukuphila phezu kodumo lwalokho omunye umuntu akwenzayo. Sizavuna ngakho. UNkulunkulu wenza uSrayeli, abantu abasenhliziyweni Yakhe; Wabenza bavuna. Futhi sizavuna, lathi, ngalokho esikwenzayo. Kasisela olunye ulutho phambi kwethu, kodwa ukuvuna. Seqile umzila womusa lesihawu, futhi kakula okunye okuseleyo kodwa ukuvuna. Kumakeni lokho emaBhayibhili enu. Ngiyindoda endala. Kodwa lina kumakeni phansi futhi libone loba lokho kakusilo qiniso kumbe hatshi. Mhlawumbe sengihambile, futhi kuqhubeka lokuqhubeka, lizafuma ukuthi amazwi lawo aliqiniso. Sizaku kuthola. Silinganisiwe esilinganisweni futhi satholakala sisilela, futhi kakula ndlela yokuphuma. Kunjalo. Sesivele saweqa lowo mzila. Kumele uvune lokho okuhlanyelayo, isikhathi sonke.

⁷⁹ Ngakho lumfo omncane waye yimfunzelelo engako phezu kwaleyi, inkosi encane yayi mfunzelelo ku—kumprofethi omcane. Futhi weyama engalweni yalowo mprofethi, ngoba lokho waye—wayekwazi ukuthi waye ngumprofethi. Futhi wayelaye khona sonke isikhathi, futhi uku—ukudonsa imfunzelelo yakhe emibonweni yakhe, lokunjalo, kuNkulunkulu, ukwazi ukuthi apathe njani umbuso wakhe.

⁸⁰ Futhi kwamenza waba yindoda enkulu. Kananzanga ipolitiki zalolosuku, lemibono ethandwa ngabantu bonke, futhi wakhonza uNkulunkulu ngenhliziyo yeqiniso. Yiwo umkhando kamongameli esimfunayo. Yiwo umkhando wo—womkhokheli esimfunayo phezu kwabantu baloba yisiphi isizwe, loba ngaphi. Umbuso wakhe wawulandela okaSolomoni. Kwakungela lutho... UNkulunkulu wambusisa nje futhi kamfinyezelanga sibusiso, ngoba waye Mkhonza.

⁸¹ Futhi lokhu kwaba lusizo olukhulu kuSaya omcinyane, ngoba lokho wakubona ukuthi uNkulunkulu waye babusisa kanjani abebeginisekile eLizwini laKhe. Kungenani lokuthi kwakunzima kanganani, hlala uqinisekele eLizwini lelo. Futhi kungumzekeliso lamuhla, kanjalo, kithi, ukuhlala siqinisekile eLizwini. Futhi kwaba lemfunzelelo enkulu phezu kwakhe.

⁸² Manje, wahlanyela amavini, futhi waye ngumelusi, futhi wayelenhlobo zonke zemihlambi lezivini. Nxa ufuna ukubala, kuMilando yesiBili 26 lapho, futhi lezindawo ezahlukileyo zoMbhalo, leyo ekhuluma ngo—ngo Uziya. Waye yindoda enkulu. Wa—wayethanda impilo yangaphandle, futhi, umfo omuhle kanjani! UNkulunkulu wabusisa into yonke ayenzayo.

Khona waphumelela futhi waqhubeka esiya. Futhi akula zizwe ezamkhathazayo. Babemesaba, langenxa yokuthi wakhonza iNkosi uNkulunkulu lowo owaye kanye laye; hatshi ngenxa yokuthi babesesaba amabutho empi, kodwa babesesaba uNkulunkulu lowo ayemkhonza.

⁸³ Lokho kumele kube yisikhumbuzo sethu. “UNkulunkulu wethu siyamethemba,” kuyatsho kumadola ethu, kodwa ngiyamangala kwezinye izikhathi.

⁸⁴ Manje, kodwa lokhu konke kwenzakala, futhi kuyatshengisa lapha umzekeliso. Ngizathanda ukudonsa kulokhu, limini, ukutshengisa ukuthi uNkulunkulu engabusisa njani umuntu futhi—futhi amenze abe ngumuntu omkhulu. Kodwa, liyazi, lapho linkosi ifika . . . yezwa ivikelekile, yezwa isendaweni leyo—leyo nje ayegxilile uqobo, futhi kwakungela ndlela kuye ukuthi awe, waphakama ngokuziqhenya. Yikho lapho athatha khona ukuwa kwakhe. Kulapho loba yiphi indoda ezathatha ukuwa kwayo.

⁸⁵ Ngicabanga yikho lokho okuluhlupho kanye labanengi babantu bethu lamuhla, siyaphakama ngokuziqhenya. Ngicabanga yikho okubangela izinhlanganiso ukwenza lokho ezikwenzayo. Bathola iqembu elingcono, kwalokho abakubiza, “abakhaliphe kakhulu, iqembu elingcono labantu,” bayacabanga. Amadoda, ezabo iziko-. . . bonke abatshumayeli babo belemfundo yesikolo saphezulu lekoleji, emibili kumbe emithathu iminyaka ephathelene lokwengqondo, babanike umhloliso wengqondo lamagagasi engqondo, futhi lento yonke, ukubona aluba bayafanela endabeni, futhi kwezinye izikhathi bengazi lutho ngoNkulunkulu ukwedlula umvundla usazi ngezicathulo zikangqwaqwane. Kunjalo. Kunjalo. Ingqondo leyo kayilani lokokwenza lakho. Kungamandla kaMoya oNgewe. Kakukho engqondweni yakho; kusenhliziyweni yakho. Kunjalo. Kodwa, bona, siyathola. . . Khona-ke bayaphakanyiswelwa phezulu, “Owethu, sihamba ebandleni elihle impela edolobheni. Singabebandla lakuqala. Singabalapho umeya ahamba khona. Singaba lokhu.”

⁸⁶ Futhi zonke izinto lezi lapha, bona, lokhu okuyikho, khona-ke abantu abangeke nje kalula bame ukukuzwa loKho. Bayacabanga nje ukuthi wena nje—nje ungumuntu omubi. Kodwa, lokho okuyikho, kakula ndawo ukuze iMbewu igxile. Kakula lutho Kiyo ukuthi ubekele phezu kwayo; lidwala kuphela. Kakusoze kubambe. “Izinyoni ziyaphapha inxa zonke futhi ziYidobhe,” iBhayibhili latsho.

⁸⁷ Kodwa lapho inkosi leyi iphakanyiswa, futhi yezwa ivikelekile, yaphakama ngokuziqhenya.

⁸⁸ Ngiyananzelela, izikhathi ezinengi, siyafumana labantu, abavangeli, bayafika endaweni lapho abanengi babo sebecaliwe ngezinto, futhi mhlawumbe okunye kwakho kuliqiniso,

okokunatha, lokunjalo. Lokho okuyikho, ngicabanga bakha umbuso omcinyane inxa zonke zabo, futhi bacabange labo bantu bayabathanda kakuhle sibili, kakula ndlela ngitsho okwe... Labo bantu, bangaenza loba yini abakufunayo ukukwenza, futhi, “Abantu labo banga kutshaya indiva.”

⁸⁹ Abantu bangakwenza, kodwa uNkulunkulu ke? Yikho lapho esahluleka khona ukubona. NguNkulunkulu kuNguye okhangelayo. Bona? UNkulunkulu uyakwazi. Lapho ubona iQiniso lokuKhanya, futhi uKwale, UNkulunkulu uyakwazi lokho okwenzileyo. Kawusoze uyendawo uze uphenduke kuleyo ndawo njalo. Kawungeke uchaphe kulokho. Kumele uphenduke emuva khona lapho otshiyele khona.

⁹⁰ Waphakanyiselwa phezulu kakhulu engqondweni yakhe, futhi—futhi waba ngozivikeleyo ngokwakhe layonke into, kangako, ukuthi wazama ukuthatha indawo yotshumayeli. Wazama ukungena ayonikela impepha, njengoba sisazi eBhayibhili, ukutshisa impepha, lokho okwakungoko mLevi kuphela ukuthi akwenze, umpristi owayegcotshelwe umsebenzi lowo. Wazama ukuthatha indawo yakhe.

⁹¹ Futhi lapha silemfunzelelo yaleyi inkosi, ukuvumela abantu bazi ukuthi lokhu kulingisela kwenyameni omunye komunye, lamuhla, kayisikho okweNkosi. Kawu gcotshelwanga ezintweni ezinjalo. kawusoze uthathe indawo yomunye umuntu, futhi lomunye umuntu angeke athathe indawo yakho. Dinga lapho indawo yakho ekhona futhi uhlale khonapho. Bona?

⁹² Wacabanga, “Awu, manje ngi...Busisa uNkulunkulu, ngiyinkosi, futhi iNkosi ibinhle kimi. ngingenza *lokhu*. Ngila *lokhu*. *Leyi* yinkonzo yami.” Futhi ubusufumana, ukuthi, ekuhambeni kwakhe njengalokho, futhi wazama ukuya, futhi weqa lokho uNkulunkulu ayembusisa ngakho.

Uba ulilunga elihle, woba lilunga elihle.

⁹³ Uba ungumfazi wekhaya olungileyo, uba uNkulunkulu ekubusisile njengomfazi wekhaya futhi wakwenza wathembeka futhi waqiniseka, dadewethu, qhubeka nje ukuba yilokho. Ungaqali ukucabanga, wena, uNkulunkulu wakubiza ukuba ngumtshumayeli, kumbe—kumbe umdikhoni, kumbe enye into ethile.

⁹⁴ Futhi—futhi lawe yenza okufanayo, ndoda. Loba ngaphi uNkulunkulu akubusise khona, khonapho hlala, ngoba yikho lapho Akubeke khona. Wena yenza nje lokho Akutshela khona ukuthi ukwenze, futhi ubone lapho Akubusisela khona.

⁹⁵ Kodwa, ungaqali ukuzama ngitsho ukungena, lezo—lezo yiziqalo esisekelweni sePentekhosti. Lapho uNkz. McPherson...Lapho ngibala ibhuku lakhe, kangizange... ngangingasuye umtshumayeli ngezinsuku zakhe. Futhi bona bathi, “Lapho ezaphuma esiza kupulathifomu elalezi, okunjenge mpiko, liyazi,” kumbe, liyazi, uhlobo lwesambatho njengalokho,

“lonke inina elingumtshumayeli lagqoka into efanayo. Bonke ngamunye wabo wayethwala iBhayibhili ngendlela efanayo loNkz. McPherson.”

⁹⁶ Lake lalalela kulezi inhlelo zomsakazo? Wonke umfo, “iNkosi ikubusise, kahle sibili, mfo,” uBilly Graham. Yikulingisela kwenyameni.

⁹⁷ Ngangibala i—imbali kaMartin Luther. Futhi imbali yathi, “Kwaku ngayisiyo imfihlakalo kangako ukuthi uMartin Luther wayenga phikisa ibandla leKatolika futhi kungabi lalutho olwenzakala kuye, kodwa ukuphakamisa ikhanda lakhe ngaphezu kwakho konke ukwedlulisa amalawulo lawo alandela imvuselelo yakhe.” Kunjalo.

⁹⁸ Zibambe ngokuhlanzeka langokucacileyo, ebizweni lwakho. Hlala leLizwi likaNkulunkulu futhi ungananyikinywa lutho. Futhi hlala, hlala ebizweni lwakho. Uba Engakupha umsebenzi phandle le, njengomlimi, lima kuhle. UNkulunkulu ukubusise kikho, futhi bhadala okwetshumi kwakho futhi laloba kuyini okuyikho, imnikelo yakho, ukusiza inkonzo iqhubekele phambili. Uba wenza umakanika ngawe, futhi wakubusisa kulowo msebenzi, hlala lawo futhi umbonge ngawo futhi Umbonge ngakho. Bona? Wena hlala nje lapho uNkulunkulu akubiza khona.

⁹⁹ Siyathola lapha imfunzelelo. Futhi-ke lapho ezanywa ukuqondiswa, umtshumayeli wagijima emva kwakhe, futhi wathi, “Tshono! Mana okomzuzu! Kawuzange ubizelwe lokho.” O, wazonda! Ngani, wayeselungele ukuba ikhanda lakhe liqunywe.

¹⁰⁰ Bona, nanso enye into okufanele sibe yazi. Kungenani ukuthi uNkulunkulu ukubusise okunganani, kawulalo lungelo lokukhalimela ogcotshiweyo weNkosi, kumbe utsho lobayini umelana labo. Kunjalo. UNkulunkulu Nguye okunakekelayo lokho. Bafuna loba kuphi ukukhalinyelwa, labo ngabantwana Bakhe, batshiye benjalo. Kawufanelanga wenze lokho. Bona?

¹⁰¹ Futhi nxa u—utshela abantu ngezono zabo, njalo ubatshela ukuthi benza okubi, “Phumani! Lingaze lazama nje ukuyafika eZulwini ngohlelo lwenhlanganiso kumbe enye into.” Minabo, bakithi, bazaku, baza. . . Bazafuna ukudubuka. Bazakubanjalo. Bafuna ukukuholela icala; abasoze—abasoze bahlale ngitsho lokukulalela; bayasukuma njalo baphume phandle, lokungabi lembeko, futhi baziphathe loba ngayiphi indlela. Uyabona, lokho kuyatshengisa, indawo yokuqala, ukukhuliswa kubi, imbeko zangekhaya. Ngeqiniso kuyakwenza.

¹⁰² Kodwa siyafumana ukuthi lindoda yayithethe lesi simo ekwenzeni into eyayenzayo. Kuyini okwenzakala kuye? INkosi yamtshaya ngobulephero, khona lapho esakhiweni. Futhi amalephero aluhlobo lwani? Isono, ukungakholwa. Asikho

esinye isono kodwa ukungakholwa. “Lowo ongakholwayo vele uselahliwe.” Futhi isono yikho kodwa ukungakholwa okukhona.

¹⁰³ Ngangi tshumayela ngesinye isikhathi ebandleni leMethodisti, futhi ngathi, “Ukubhema igwayi akusi sono. Ukufeba akusi sono. Ukweyisa iBizo leNkosi akusi sono.”

¹⁰⁴ Kulukhuni komunye udade; wasukuma, wathi, “Ngiyacela ngitshela, Mfundisi Branham, kuyini isono?”

Ngathi, “Ukungakholwa.”

¹⁰⁵ Wenza lezo zinto ngoba kawukholwa. Yikho kanye. Isizatho usala ukuhamba ekuKhanyeni kweLizwi kungenxa yokuthi kawukholwa iLizwi. Lokho kukwenza ube ngongakholwayo.

¹⁰⁶ Umfo wathi kimi, wathi, “Kangisoze ngibe lendaba ukuthi zingaki izigulane ongazitshengisa, lokuthi zingaki izigulane udokotela angazitshengisa, ezokusiliswa okwahlukeneyo,” wathi “Kangikholwa ekusilisweni. Akunjalo.”

¹⁰⁷ Ngathi, “Ngeqiniso, akuzange kuthunyelwe kwabangakholwayo. Kwathunyelwa kulabo abakholwayo kuphela.”

¹⁰⁸ Ngokwabakholwayo kuphela. Wathi, “Lowo okholwayo, zonke izinto ziyenzeka,” hatshi lowo ongakholwayo.

¹⁰⁹ Futhi isici esisodwa sokungakholwa iLizwi likaNkulunkulu, futhi uyahlala phandle koMbuso weZulu. Kwakhuphela uEva phandle. Kwabangela konke lokhu ukuhlupheka, kanye nje ukuphambukisa iLizwi kancinyane nje. Kumele uhlale ngoqondileyo kanye Lalo, lokho Elikutshoyo.

¹¹⁰ Manje siyathola, lindoda yaziphakamisa lokuzikhukhumeza, lobuso bakhe baba bomvu, futhi watshibilikela emuva wasetshela abapristi, njalo, into yakuqala liyazi, waqhamuka ngamalephero. Khona lapho ekuthukutheleni kwakhe, watshaywa. Akazange asile kikho. Kuyini? Ukungakholwa iLizwi likaNkulunkulu elalizanywa ukutshelwa yena.

¹¹¹ Kulomzekeliso weqiniso kulokho. Nanzelela. Waye... Akakholwanga, futhi, ekuzondeni kwakhe, watshaywa ngamalephero; futhi wafa, khona emzini wakhe, akazange avunyelwe embusweni njalo futhi, indawo yenkosi. Indodana yakhe yasithatha indawo yakhe futhi—futhi ancedise ngakho konke ayengakwenelisa, futhi watshiywa enjalo waze wafa. Manje, uyabona, kazange asile.

¹¹² UJesu wathi, “Ilizwi elilodwa limelana Lakho alisoze lithethelelwe,” iLizwi, “loba kulo umhlaba kumbe umhlaba ozayo.” Akulakuthethelelwa. Ngakho uyabona ukuthi kungani umhlaba ulungele ukwahlulelwa? Abavangeli abakhulu lezinto ezigubuzele umhlaba ngeVangeli, zahlekwa, zenziwa inhlekisa, konke okunye. Akusela okuseleyo. Akula enye indlela kukho yokuba kuphinde kuphenduke. Bahlambaze uMoya oNgcwele, njalo baWenza inhlekisa, lakho konke okunye. Futhi sebe...

Futhi, ba, akula enye indlela yokuthi kuphinde kuphenduke. Kumele kuhlawulelwe. Akula enye indlela yokuphuma kikhoh. UNkulunkulu ulungile; Kungaphambana lokulunga Kwakhe, ukuphikisana loBuntu Bakhe—Bakhe—Bakhe, lokho Ayikho khona. Futhi khathesi kumele kuhlawulelwe.

113 Ngakho linkosi, kungelani ukuthi uNkulunkulu wayemthanda kanjani, wayeyindoda enkulu enganani, mangaki amadigri ayelawo, kunjalo waye yenze okubi njalo kwakumele avune lokho akuhlanyelayo. Futhi yonke indoda kuzamele ikwenze.

114 Khona-ke kwasekusiba yisifundo kumprofethi omncane. Khona-ke kwaba yisifundo seqiniso! Ngalokhu, uIsaya wafunda ukuthi uNkulunkulu uyathuma indoda ibesendaweni yayo, Ngokwakhe. Hayi lokho omunye umuntu akulayayo. UNkulunkulu uyathuma umuntu Wakhe emsebenzini, manje, uyamthuma endaweni yakhe. Kazami ukuthatha indawo yomunye.

115 Umbono, into yayinkulu kakhulu yaze yahambisa lumprofethi ethempelini, ukuya khuleka.

116 Ngiyamangala lamuhla, nxa singabona ukufa kwamabandla, ukubona u—ukufa kwabantu, kusukela eMoyeni, bebuyela emuva njalo bekhonza imvumankolo zabo, nxa kungafanelanga kuhambise amakhohwa emadolweni abo.

117 Kwenza ikholwa leqiniso, ikholwa eligcotshiweyo, uIsaya umprofethi, waguqa phansi emadolweni akhe. Wahamba ethempelini, futhi waqala ukukhuleka.

118 Futhi, phakathi ethempelini, wabona uNkulunkulu esesihlalweni Sakhe, ephakanyiselwe phezulu. UNkulunkulu wayeza mtshengisa okokukhangela. Hatshi ukukhangelana; khangelani phezulu kulokho Ayikho, kuyini, Waphakamisela phezulu esihlalweni Sakhe.

119 Nanzelela amaSerafi eZulwini kanye lezimbozo ebusweni Bawo. Khathesi, amaSerafi yiwo atshisa imihlatshelo, okungesinye sezinhlelo eziphakemeyo zeziNgilosi. Aseduze lamaKherubhi. Lapho kwaku yiziNgilosi, futhi-ke amaSerafi, futhi-ke amaKherubhi. Futhi amaSerafi yiwo atshisa imihlatshelo, esenza indlela yokusondela kwezoni, uhlelo lweqiniso lwaphezulu lobungcwele ethempelini likaNkulunkulu.

120 Futhi wabona, lapho ephansi esibuyeni elathini, ekhuleka, “Nkosi, Ngiyindoda yezindebe ezingcolileyo, futhi ngihlala phakathi kwabantu abangcolileyo.” Futhi wayesenza ukuvuma kwakhe.

121 Futhi lapho ekwenza, wakhangelana phezulu wabona lawa amaSerafi. Ayelempiko ezimbili phezu kobuso Bazo, lempiko ezimbili phezu kwenyawo Zawo, futhi ayephapha

ngempiko ezimbili, ekhala, “Ngcwele, ngcwele, ngcwele yiNkosi uNkulunkulu uSomandla! Ngcwele, ngcwele, ngcwele, konke okukaNkulunkulu kungcwele! Ngcwele, ngcwele, ngcwele yiNkosi uNkulunkulu uSomandla!”

¹²² Asikhangeleni embonweni umprofethi awubonayo, njalo siwuchasise. Impiko ezimbili zimboze ubuso Bawo. Kucabange, ngitsho leNgilosi ezingwele zenza okokufihla ubuso Bazo obungelasono, ukuze zime ebuKhoneni bukaNkulunkulu. Zaphiwa impiko zokufihla ubuso Bazo, ebukhoneni bukaNkulunkulu oyingcwele! Mina lawe sizakuma kanjani Lapho, uba amaSerafi kwakumele asebenzise impiko, indlela ephiwe nguNkulunkulu ukuba afihle ubuso Bawo, ukuze ame ebuKhoneni Bakhe, bahlabela, “Ngcwele, ngcwele, ngcwele yiNkosi uNkulunkulu uSomandla”? Ukuhlonipha ebuKhoneni Bakhe!

¹²³ Manje kasila nhlonipho kuNkulunkulu. Umuntu wonke ucabanga nje ukuthi uvikelekile, kuze kuthi—kaba—kabamhloniphi uNkulunkulu njengalokhu okumele bakwenze. Yindaba? Yindaba bekwenza lokhu? Ngoba kabaqapheli buKhona baKhe. Yiso isizatho abantu besenza njalo. Aba, abakunanzeleli Lokho. Abakwanisi, abakwanisi ukuqedisisa ukuthi basebuKhoneni bukaNkulunkulu. Ingqondo zabo ziyaphambuka kakhulu njalo zithatheke ngezinto zomhlaba, baze bangabi lendaba Lakho. Bayahamba esontweni, sibili. Kodwa ukunanzelele ukuthi usebuKhoneni bukaNkulunkulu! Hatshi esontweni kuphela; loba ngaphi okhona, usebuKhoneni bukaNkulunkulu.

¹²⁴ Uba bengenxa njengalokho uDavid akutshoyo, “Ngibeka iNkosi kokuphela phambi kobuso bami, ngakho-ke angiyi kunyikinyezwa.” Lapho kuphela iNkosi yayiphambi kwakhe, wayengeke anyikinyezwe.

¹²⁵ Futhi lalaba abatshisi bomhlatshelo abaseZulwini belempiko ebusweni Babo, futhi bememeza, “Ngcwele, ngcwele, ngcwele,” ukuthi bame ebuKhoneni bukaNkulunkulu, kuyini okuzakwenzakala ebantwini abonayo abanga hloniphi uNkulunkulu?

¹²⁶ Uthi, “Awu, Mfowethu Branham, usanda kuthi Babephiwe impiko ezimbili.”

¹²⁷ Futhi lawe uphiwe okunye, futhi, iGazi likaJesu Khristu. Yiso isimbozo sakho. Ukuthi, ungami njengeSerafi, ungami njengeKherubhi, ungami njengeNgilosi. Kodwa, ume njenge ndodana kumbe indodakazi ehlengiweyo kaNkulunkulu, ngaleli Gazi. Awudingi ukuthi ube lempiko lezi Ezazilazo. Ziyisimbozo esiqakathekileyo kuZo kulobo buKhona. Kodwa uleGazi likaJesu Khristu okwesimbozo, ukuze ume Lapho. Manje njani...Khathezi, lina, nxa lilaleli Gazi, khona-

ke uyamhlonipha uNkulunkulu, uyamthanda uNkulunkulu, uyamhlonipha uNkulunkulu; futhi uNkulunkulu uliLizwi.

¹²⁸ Manje nanzelela, okwesibili, ngempiko ezimbili Zamboza izinyawo Zazo. Kwakusitshoni lokho? Ukuzehlisa phambi kukaNkulunkulu, ebuKhoneni Bakhe.

¹²⁹ Njengo Mose esihlahleni esivuthayo, wakhupha izicathulo zakhe, lapho emuzwa Esithi, “NGINGUYE ENGINGUYE.”

UPawuli, endleleni yakhe esehla eDamaseko, wa—wawa ngobuso bakhe.

¹³⁰ UJohane, lapho ebona u—uMoya kaNkulunkulu phezu kukaJesu, wathi, “Ngidinga ukuba ngibhaphathizwe Nguwe, futhi kungani Ubuye kimi?”

¹³¹ Nanku umzekeliso omuhle. Hlala uqaphela ubuncinyane bakho, hatshi ubukhulu bakho.

¹³² Lamuhla, thina—thina amaMelika, ikakhulu, ukuthi sizama ukucabanga ukuthi singabantu abakhulu, “Singabe zinto ezinkulu, kweyinye inhlanganiso enkulu, eyinye inkalakatha yento enkulu ele. . .” O, inkalakatha enkunlu, enkulu, okukhulu yikho kuphela esikubonayo.

¹³³ Futhi ukuthi lapho. . .Kwesinye isikhathi, eBhayibhilini, silomzekeliso walokho. Kwakulo—lomprofethi wabuyela ebhalwini wase. . .UElija. Futhi uNkulunkulu wayezama ukumkhanga, ukuthi aphume. Futhi kwasekusiza umlilo, lentuthu, lo—lomoya ovunguzayo usedlula ezintabeni, lomdumo, lokuzamazama komhlaba, lokunyikinyeka, lakho konke okunye. Umprofethi kazange anyikinyeke ngitsho. UNkulunkulu wayengekho kikho. Kodwa lapho lelo Lizwi elipholileyo, elincane likhuluma, wamboza ubuso bakhe futhi wabuya phambili. Lapho elipholileyo, elincane iLizwi likaNkulunkulu likhuluma, hatshi ukubanga umsindo, hatshi inhlanganiso zesonto zethu ezinkulu, hatshi izinto zethu ezinkulu, kodwa lelo elipholileyo, iZwi elincinyane, leLizwi, elinga khangelwayo. Lokho kumele kubize umuntu ukuthi aphenduke. UNkulunkulu eLizwini Lakhe!

¹³⁴ Kodwa-ke, Lamboza izinyawo Zalo; njalo laqaphela Yena. . . ubuncane bethu phambi kukaNkulunkulu.

¹³⁵ Okwesithathu, Lenelisa ukuphapha ngezinye ezimbili.

¹³⁶ Manje khumbula, ezimbili, Lamboza ubuso balo, ebuKhoneni bukaNkulunkulu, futhi ukuba lenhlonipho. Okwesibili, impiko ezimbili phezu kwenyawo Zalo zazisitsho ukuthobeka, phambi kukaNkulunkulu. Futhi impiko zesithathu, manje, Lazifaka Lona ekwenzeni. Lalisenelisa ukuphapha ngazo impiko ezimbili, bona. Ezimbili ebusweni Balo, ezimbili ezinyaweni Zalo, futhi laphapha ngezimbili, manje kwakuyini? Ukuhlonipha, ukuzehlisa, lokwenza.

¹³⁷ UNkulunkulu watshengisa umprofethi ukuba inceku Yakhe elungiselweyo imele ibe njani; inhlonipha, ukuzithoba, lasekwenzeni. Khathesi wabona ulutho olwehlukeneyo oluvela kuUziya. Wayetshengisa umprofethi lokho okumele abeyikho, hatshi njengo Uziya, kodwa ukuthi abe njengalawa amaKherubhi aseZulwini. Futhi nxa ufuna ukukhangela inkosi, inkosi yasemhlabeni. . .Khangela Leyo eyaseZulwini, iphakanyiselwe phezu kwamaZulu onke, njalo umsila wesembatho sakhe wagcwalisa AmaZulu.

¹³⁸ Lapho sibona ukuba Wayemnika olunye ulutho lokukhangela, ukumfunzelelisa ngokwahlukileyo kulokho ayekukhangele, ecabanga, “Indoda eyasebenzela uNkulunkulu yaphumelela, lakho konke, kwakulungile.” Kodwa uSaya wafaka i-ingqondo yakhe phezu komuntu.

¹³⁹ Futhi umuntu uyisehluleki, kwasekuqaleni. Angilandaba ukuthi ungubani. “Uzalelwe esonweni, wabunjwa ebubini, wabuya emhlabeni ekhuluma amanga,” ngakho uyisehluleki esipheleleyo. Angilandaba ukuthi ungumbhishophi, upapa, umkhulu webandla, kumbe loba yini angaba yikho. Uyisehluleki, kwasekuqaleni, futhi ungaqali ukukhangela lakoyedwa. Kangilandaba, “Lanxa esunduza izintaba ngokhala, loba esipha zonke impahla zakhe ukondla abaswelayo.” Loba kunjalo, khangela kuJesu Khristu. NguYe. Khangela Kuye, hatshi komunye umuntu.

¹⁴⁰ Sifumana manje ukuthi Wayetshengisa lapha lokho inceku kaNkulunkulu okumele ibeyikho, ukuba kumele izithobe kanjani futhi ehlonipha lasekwenzeni.

¹⁴¹ Ngena ekwenzeni! Abanengi bethu singazithoba, abanengi bethu singahlonipha, kodwa kunzima ukubangenisa ekwenzeni.

¹⁴² Kodwa manje siyananzelela ukuthi uNkulunkulu wayetshengisa ukuthi Wayelungiselela kanjani inceku Yakhe, lokho okumele abe yikho. Lawo maKherubhi aye, kumbe—kumbe, amaSerafi, kwakuzinceku zikaNkulunkulu.

¹⁴³ Nanzelela, njengo mfazi emthonjeni, lapho edinga uMbhala ukuthi ugcwaliswe. Lokho sikhulume ngakho, kabili kumbe kathathu liviki. Lapho, waye khangelele lokho ukuthi kugcwaliseke. I—inkazana, njengokuba sisazi, wayengayi ebandleni. Yena mhlawumbe. . .Babekhatshana kakhulu leLizwi, futhi lezinto ezinjalo, babe. . .futhi bebiza izivumankolo zabo lezinto. Njengoba uJesu watsho, “Lithethe imikhuba yenu, futhi lenza i—iLizwi likaNkulunkulu elingela msebenzi.”

¹⁴⁴ Kumayelana ngento efanayo lamuhla. Izivumankolo esizifundiswayo, lezinto, sezibeke iLizwi Nkulunkulu phandle kokuthi lisebenze. ILizwi alikwanisi ukuza. Futhi lezinto ezikhulunyiweyo, sibili; bafunzwe kakhulu ngemfundiso yokunye, abangeke baKubone.

145 Khumbula, leloLizwi kaliyi kuhambela wena hatshi wena kuphela ngoku kuhlukuluza lapha. Leyi ithephu ihamba yonke indawo emhlabeni. Kangikhulumi kini kanye lonke lapha. Kodwa nxa kulomunye umuntu lapha ekufuna, awu, lokho, kungokwakho-ke. Bona? Kodwa, khumbula ukuthi lelo Lizwi lizakuhambela ngoku kuhlukuluza lapho kuphela uphila. Esukwini lokufa kwakho, lizakuhambela ngoku kuhlukuluza. Lilalele! Phenduka!

146 Imikhuba yethu isithethe iLizwi likaNkulunkulu yalenza langabi lomsebenzi. ILizwi likaNkulunkulu libonakaliswa, futhi abantu bame inxa zonke futhi bathi, “Awu, ngicabanga lokho kuhle kakhulu.” Bona? Minabo, o, minabo! Kumele lilumathise umphefumulo wakho. Kumele lenze enye into, kodwa alikwenzi. Kalikwenzi khona. Sithola uNkulunkulu . . .

147 Lapho owesifazane lowu . . . Labo bapristi lezinto, mhlawumbe akazange ahambe ebandleni ngoba kaboni isizatho sokuhamba, okwento enjengalokho. Kodwa wayebalile iMibhalo. Ngoba nanzelela, wabakwazi, masinyane, lapho Emtshela lokho okwaku luhlupho lwakhe, yindaba, wathi, “Yindaba, siyakwazi ukuthi Ufanele ukuba ngumprofethi. Kasizange sibe loyedwa okwamakhulu eminyaka. Kodwa ufanele ukuba ngumprofethi, siyakwazi.” Manje, bona, umcabango wami, wacabanga . . .

148 Uba ungathatha lokho kufunda okusemphethweni, lapho, futhi ukubale eMbhwalweni wakho, kuyabuyela ku “umProfethi,” lowo okwakungu Khristu.

149 Wathi, “Siyakwazi si . . . Umele ukuba ngumprofethi. Siyakwazi ukuthi uMesiya, lapho Esiza, lokhu kuzakuba yinto Azayenza. Uzabonakaliswa ngalokhu.”

Futhi uJesu wathi, “NgiNguye lowo okhuluma kuwe.”

150 Wangena ekwenzeni. Wayengeke abe sakumela lakancane. Into yona uqobo ababeyikhangelele, yayisemhlabeni khona lapho, futhi waYibona. Kungelandaba ukuthi wayesesimeni esibi okunganani, iwule, kumbe umfazi onjenga lokho, waye neke . . . Indoda esitaladeni yayingeke imlalele. Abangeke lalamuhla. Kodwa ukumisa yena, wawu ngakwenza njani? Kwakunje ngendlu esemlilweni, emoyeni omkhulu. Wawungeke uwucitshe. Umlilo waqala ukuvutha enhliziyweni yakhe.

151 Wathi, “Wozani, libone iNdoda Ongitshele izinto engizenzileyo. Kayisuye lowu uMesiya na?” Futhi kwanamathela, lakho. Lapho, uJesu kazange adinge ukuba aphinde akwenze lokho futhi. Abantu bamkholwa ngoba . . . bakholwa uJesu ngenxa yobufakazi bakhe. Bona? Kuyini okwakwenzayo? Waye thobekile, ehlonipha, futhi esekwenzeni. Wahamba ekusebenzeni lapho ebona linto isenzakala.

152 Izibonakaliso zakhe kufanele zifunzelelise, lamuhla. Izibonakaliso zalamuhla ezathenjiswa, iLizwi elathenjiswa

lelo elibekelwe lamuhla, ukubona uNkulunkulu egcwalisa lokho Akutshoyo ukuthi Uzakwenza, kufanele kwenze enye into kithi. Kodwa kakukwenzi.

¹⁵³ Njenga lokho okwakwenzayo kubaJuda. Babe ngabenkolo okokuthi ba—babe ngacabangi ukuthi babekufuna. Babe, babe cabanga ukuthi babe lento yonke.

¹⁵⁴ Futhi yiyo indlela ngomhlaba lamuhla. Ulokunengi okokudla, ulokunengi okokugqoka, ulamabandla amahle, indawo ezinkulu, abatshumayeli abafundileyo abahle, futhike kabadingi olunye ulutho. “Kodwa kawukwazi,” uMbhalo wathi, “unqunu, uyahawula, uyisiphofu, futhi kawukwazi.” “Kawukwazi,” futhi kawungeke ubatshelwe okwahlukileyo. Bayaqhubeka begxumbuza khona kulowo mzila, futhi behleuleke ukutshiya iLizwi lika Nkulunkulu libafunzelelisa bona ukukholwa uJesu Khristu uvusiwe kwabafuleyo, futhi uyaphila lamuhla, ofanayo izolo, lamuhla, lanininini, ezitshengisa ngoKwakhe ephila. Bona nje bazifele. Yonke indawo, yonke indawo ohamba khona, kukhangeleka kuyinto efanayo. Kwakufanele kube ngaleyo ndlela, lanxa kunjalo, uyazi. Kwakumele akhutshwe phandle kwebandla. Kakulandlela lakancane ukukuvimbela ekubeni ziyona lindlela. UNkulunkulu wathi kuzakuba ngalindlela. Kodwa uba—uba . . .

¹⁵⁵ Makuku nyikinye, makuku nyikinye kahle. Kungelandaba yilizwe bani okulo, loba ngaphi okhona, loba ngubani onguye, makuthi kukuvuse.

¹⁵⁶ Amahola ayabuya futhi adlule. Into yokuqala uyazi, uzakube usithi, “Awu, be—bengicabanga kwakufanele kube lalokhu kwenzakale phambi koHlwitho.”

¹⁵⁷ Kungaba leLizwi eliphendukayo njengalokho elakwenzayo ngesinye isikhathi, “sokuvele kwenzakala futhi kawuzange ubekwazi.”

¹⁵⁸ Lizakuba ligxile lonke ebandleni kwenye indawo, lisithi, “ngivikelekile nje ngakho engingaba yikho,” futhi, into yokuqala liyazi, uHlwitho luzabe solwenzakele. Luzakuba yimfihlo, ukuhamba kwesijume, kungela muntu owazi ulutho ngakho. Umhlaba uzaqhubeka ulokhu uhamba.

¹⁵⁹ Njengo Nowa wangena emkhumbini. Liyakhumbula, emva uNowa esengene emkhumbini, wahlala khonapho insuku eziyisikhombisa emva uNkulunkulu esevale umnyango. UNkulunkulu wavala umnyango, futhi uNowa wahlala emkhumbini okwensuku eziyisikhombisa ngaphambi kokuba kwenzakale ulutho.

¹⁶⁰ Futhi umnyango wesihawu uzavalwa ebusweni bakho, futhi ungabe usuvaliwe. Futhi nje cabanga ngakho, abantu bazaqhubekela phambili betshumayela, abantu becabanga ukuthi bayasindiswa, bebhalisa amabizo abo emabhukwini, bejoyina amabandla, bememeza, beseqa phezulu-la-phansi.

161 Ngani ngibone amaMohammed beklabalala. Sengake ngezwa...abantu benatha igazi ngokhakhayi lomuntu, futhi bakhulume ngendimi, futhi benze zonke lezo izinto. Leso kayisiso sibonakaliso ukuthi usindisiwe. O, hatshi.

162 “Belesimo sobunkulunkulu.” Kuyini “aMandla akho” abakhuluma ngawo?

163 Bona, lezo izinto zingenzakala, futhi kuzabe sekwedlule isikhathi futhi kawuyi kubakwazi. Kawungeke wenelise ukuthatha lolohlobo lwethuba. Lingakwenzi, bangane. Buyani lapho lisenelisa. Lingafunzeleliswa yizakhiwo ezinkulu, inhlanganiso enkulu kakhulu, isifundi esiphakemeyo kakhulu. Vumela iLizwi likaNkulunkulu likufunzelele. Yikho kanye lokho okwabangela labo abapostoli. Lapho bebona lelo Lizwi libonakaliswa, lokho kwabafunzelela, “Siqinisekile!”

164 Kungafanela ukukutsho njalo. UJesu, lamaxuku amakhulu ezinkulungwane eMlandela, Wathi, “Banengi kakhulu. Khangela, khangela, enye into emangalisayo lapha, kulaba lutshwane ababiziweyo...Yebo, banengi ababiziweyo balutshwane abakhethiweyo.”

165 Ngakho-ke Wabona amaxuku amakhulu, Wathi, “Ngaphandle kokuthi lidle inyama yeNdodana yomuntu, linathe iGazi Lakhe, kakila Mpilo kini.” Akazange akuchasise.

166 Angazi nxa Engakutsho lokho eBeaumont, lamuhla, kungenani lokuthi Wayedume okunganani, ucabanga ukuthi odokotela, labantu abalamasiko amahle, labezesayensi, babe zakuthini? “INdoda leyo ngumkhoba onatha igazi. Awu, Ufuna ukuthi linathe iGazi Lakhe? Awu, luhlobo bani lwe... Usuphuma phandle ungena iganga.”

167 UJesu akazange akuchasise. Wayefuna ukuthinthitha imikhaza isuke Kuye. Kunjalo. Khona-ke bonke basukuma futhi basuka.

168 Khona-ke Wakhangelana inxa zonke kulabo bapostoli ababe ngagcotshelwanga iMpilo, kodwa Waye bakhethile. Babe ngagcotshwanga. Wathi, “Kuyini elizakutsho lapho libona iNdodana yomuntu isenyukela phezulu eZulwini lapho Eyavela khona?” O, lokho kwakukhama. Kuyini Akwe... .

169 Labo—labo abatshumayeli bathi, “Enyukela phezulu eZulwini? Awu, liNdoda yazalelwa khona lapha eGalile. Wazalelwa eNazareth. Siyamazi unina Wakhe, obhudi Bakhe—Bakhe. Siyawazi umbheda wobuntwana Awondlelwa kiwo. Sabona izigqoko zobuntwana Bakhe. Sikhuluma lomama Wakhe. Futhi-ke uthi liNdoda yabuya, ibuyela phezulu lapho Eyavela khona? Wavela eNazareth. Kuyini Akutshoyo, ‘iZulu’?”

170 Akazange akuchasise. Imikhaza yayisaselokhu iminengi. “Baphakama, futhi kaba phindanga bahamba Laye njalo.” Yikho lokho iBhayibhili elakutshoyo.

171 Khona-ke Watshibilika futhi wathi, “Ngi...Lifuna ukuhamba lonke, lani?” kwabalitshumi lambili.

172 Khumbula, babe ngenelisi ukukuchasisa, kodwa babekwazi. Babekwazi Wanyenguye, ngakho bathi Kuye... Wayebafunzelelisile ngezibonakaliso Zakhe eziqinisiweyo zivela kuNkulunkulu. Khangela.

Wathi, “Lifuna ukuhamba, lani?” kwabalitshumi lambili.

173 UPhetro wathi, “Nkosi, ngubani esingaya kuye? Ngoba sileqiniso...” Manje, lokho khangelani, funda lokho. Kuyini? “Siyakwazi ukuthi iLizwi lithini ngokwa lamuhla. Siyakwazi ukuthi uMesiya ufanele ukwenzani nxa Engabuya lamuhla. Sibonile linto ihlangabezwa nguNkulunkulu.”

174 Yena waktsho phambili, ePhentekhosti. Wathi, “UJesu waseNazaretha, iNdoda efakazelwe nguNkulunkulu phakathi kwenu, ngezinto Afanele ukuzenza. Futhi lithethe iNkosana yeMpilo laMbethela, futhi—futhi uNkulunkulu Wamvusa, lokho elingabafakazi bakho.”

Nanzelela lapha, bona, wathi, “Singaya ngaphi?”

175 UJesu wathi, “Ngakhetha abalitshumi lambili benu, futhi omunye wenu ngudeveli.”

176 Futhi kulabalitshumi lanye abamileyo lapho, phakathi kwenkulungwane eziphindwe ngezinkulungwane. Itshumi lanye limile lapho. O, minabo! Befunzelelwe! Sibili.

177 Lumfazi omncinyane, lapho efunzelelwa, wangena ekwenzeni. Kwakumele enze olunye ulutho mayelana ngakho. Kwakumele atshele omunye umuntu.

178 Futhi wonke umphefumulo oqotho othintha uKhristu, kumele utshele omunye umuntu ngakho.

179 UPhetro, lapho emaMukela njengo kutsho kweLizwi Lakhe, lobo busuku elwandle Wambona phandle le, wayese...kumbe lelo langa, kwaku. Babegola inhlazi ubusuku bonke, futhi babenga bambanga lutho, bahudula amambule emuva la phambili. Leso yisikhathi esidanisayo, nxa umuntu engumgoli wenhlanzi. Bahudula amambule ubusuku bonke, futhi wayengumgoli wenhlanzi, laye. Ubaba wakhe wayengumgoli wenhlanzi. Wayekulelo chibi okwempilo yakhe yonke, labazali bakhe labogogo lokhulu wakhe bavela kulelo chibi. Futhi wayesazi lapho inyanga iqondile, lalapho okuvunguzela umoya, lazo zonke izibonakaliso. Waye golela inhlanzi ukuphila. Ngakho wayegole inhlanzi ubusuku bonke, futhi engatholanga lutho.

180 Khona-ke basebethola ukuthi, usuku olulandelayo, ukuthi—ukuthi bathi lumProfethi wayeza kukhuluma, phansi ekhunjini. Futhi ngiyacabanga, phandle kwezindlu zabo ezincane kwaphuma abafazi abancane, lokunjalo, besiza besehla ukuzo Muzwa. Amaxuku aba makhulu kakhulu, emaceleni okhunji, Kwafanela ukuba aboleke lumkhumbi, futhi lomkhumbi kaPhetro. Ukuphuma futhi begezise amambule abo, futhi ngitsho lenhlanzi eyodwa, bawaphosela khona phezulu le; babedanile.

181 Futhi kwesinye isikhathi kuleso sikhathshana esidanisayo, nxa ungakhangela, kulapho Abuya khona. Kodwa ungabi yimpuphuthu kakhulu ukungakuboni. Bona? Lapho ubona yonke into isenzakala ngendlela okuyiyo emhlabeni lamuhla, ungesabi. Bona? Ungesabi. Nje—nje khumbula, Wathembisa ukubuya kuwe.

182 Futhi manje nanzelela lapho Esiza, Watshela uPhetro, wathi, “Manje yana enzikini khona futhi wehlise ukuze ukhukhule.”

183 UPhetro wathi, “Mhlawumbe. Angikaze ngibone okunje kusenzakala ngaphambilini. Ka—kangikwazi. Ngagola inhlanzi, impilo yami yonke, lapha. I—iziboniso, sisanda nje kuqeda ukugola inhlanzi, ubusuku bonke, kulawo manzi afanayo. Futhi, khona-ke, kodwa kakula lutho. Kasika thathi lutho. Kodwa ngokutsho kweLizwi Lakho, Nkosi,” nanko lapho, “ngizakwehlisa phansi imbule. ILizwi Lakho!”

184 Ungabe uhambe kuso sonke isibhedlela. Mfowethu King, bengabe besitsho ukuthi uzakufa. Bengabe besithi, dade, lokhu, lokhuyana, kumbe okunye. Kangila ndaba lalokho abakutshoyo. “ELizwini Lakho, Nkosi, ngizaphosela phansi imbule!”

185 Lapho ebona iLizwi lelo liqiniswa, lapho uJesu emtshela enye into, wakholwa, futhi waphosela phansi lelo mbule emanzini lapho okwakungela nhlanzi khona. Kodwa, nxa uNkulunkulu etsho njalo, Wayengabeka inhlanzi khonapho, njengokufanayo lapho Ebeka amanzi ezibhakabhakeni.

186 Engabeka ukusila emzimbeni wakho, kangilandaba nxa kungela lutho lapho. Methembe Ukuwuvusa ensukwini zokucina. “ELizwini laKho, Nkosi, ngizakwehlisela phansi imbule.”

187 Kwafunzelela lowomgoli wenhlanzi, waze watshiya inhlanzi lakho konke, futhi walandela uJesu. Kwaku yimfunzelelo, lapho Emthatha eLizwini laKhe. Khona-ke kuyini Akwenzayo?

“Awu,” wathi, “ngiyakubonga Wena, Nkosi, ngokudla okumnandi okwenhlanzi.”

Wathi, “Tshiya imbule lakho lilodwa. Kusukela lapha kusiya phambili uzakubamba abantu.” Umpostoli wangena ekwenzeni!

188 Ekucineni, ekupheleni komgwaqo, lapho babesiya ukumbethela, ukumbulala, futhi wagijima waphuma

edolobheni. Futhi emgwaqweni ephuma, njengoba imbali isitshela, wayebaleka lempilo yakhe, ephuma phandle kwedolobho, futhi wahlangana loJesu esephenduka. Wathi, “Uyangaphi wena, Simoni?” Kumbe, uSimoni wathi kuYe, “Uyangaphi Wena, Nkosi?”

¹⁸⁹ Wathi, “sengibuyela edolobheni ukuyabethelwa njalo.”

¹⁹⁰ USimoni watshibilika futhi wabuyela emuva. Futhi lapho bemthola, wathi, “Unga. . .” Bamphanyeka esiphambanweni. Wathi, “Lingangi lengisi njenga lokho. Lengisani ikhanda lami phansi, lenyawo zami phezulu!”

¹⁹¹ Waye funzelelwe lapho ebona uJesu evuswa kwabafileyo; wafunzelelwa ngokufa kwakhe, wafunzelelwa loba yini. Wangena ekwenzeni. Ukufa kwakungeke ngitsho kukumise. Ukubethelwa kwakungeke kukumise. Wafunzelelwa nguJesu.

¹⁹² Impuphute isilisiwe. Bamtshela ukuthi athule, kodwa wasakaza udumo Lwake yonke indawo. Abantu bakhe bathi, “Manje. . .” Abapristi bathi, “Manje nxa loba ngubani ehamba futhi ayongena kuleyo mvuselelo, bazabuya nje bathathe amaphepha abo ebandla, yikho kuphela.” Futhi ubaba lomama babekwesaba lokho. Bona? Ngakho bathi. . .

Babuya, bathi, “Wathola kanjani lumfana ukubona kwakhe?”

Wathi, “Use—usekhulile; umbuzeni.” Babesesaba.

Kodwa lowo owasiliswayo wafunzelelwa. Ameni.

¹⁹³ Wathi, “LuMuntu uyisoni. Nikeza udumo kuNkulunkulu! Kasazi lapho luMuntu avela khona. Akala—akala zincwadi. Kasisebenzelani Laye. Kasilani lokwenza kanye Laye. Asikwazi lapho Avela khona. Siyakwazi Uyisoni futhi—futhi esivela kudeveli.”

¹⁹⁴ Lumuntu waye lempendulo enhle kibo. Wathi, “Manje leyi yinto emangalisayo.” Wathi, “Manje, lifanele libe ngabakhokheli belizwe. Futhi leyo Ndoda ingiphe ukubona kwami, futhi kanjalo lina kalazi lapho Avela khona.” Wathi, “Manje, loba Uyisoni, kumbe hatshi, angeke ngilitshele lokho. Kodwa linto eyodwa engiyaziyo, lapho bengiyisiphofu, sengibona khathesi.”

¹⁹⁵ Waye funzelelwe. Akazange abe lendaba ukuma phambi kwaba pristi kumbe olunye ulutho. Waye funzelelwe. Abazali bakhe, loba isimangaliso endodaneni yabo kasizange sibafunzelele, kodwa kwamfunzelela.

¹⁹⁶ Abantu ePentekhosti, njengoba ngitshilo ubusuku obedluleyo, kanye lepholisi yabo yeMpilo elaPhakade, lapho besiya phezulu ukuhola eyabo. . .inzuzo Kuyo. Nanzelela lapho befunzelelwe. Babengewe, behlonipha phambi kukaNkulunkulu. Babemboze ubuso babo ezintweni zomhlaba, futhi lenyawo zabo ngokuzithoba. Futhi lapho besizwa aMandla kaNkulunkulu ebuya, njengo kwathenjiswa nguJoweli, njengo

kwathenjiswa ngabaprofethi, njengo kwathenjiswa nguJesu! “Lindani phezulu le edolobheni leJerusalema lize ligcwaliswe ngaMandla avela Phezulu.” Masinya lapho lowo Nkulunkulu, eBuntwini bukaMoya oNgcwele, wehla phansi phezu kwabo, bafunzelelwa. Kabazange babe lendaba ukuthi bangaki abantu ababahleka. Phandle ezitaladeni baphuma, bedayizela njangabantu abadakiweyo. Babefunzelelwa nguMoya oNgcwele. Ungafunzelelwa, lawe. Bama beqondile. . .

¹⁹⁷ Mkhangeleni. Akazange ahambe inxa zonke esitsho okwemvumankolo ethile. Wabuyela eqonde ngemuva khona eLizwini, futhi wathi, “Lina madoda eJerusalema, lina elihlala eJudiya, makuthi lokhu kwaziwe yini, futhi lilalele amazwi ami. Laba kabadakwanga njenge likucabangayo, sibona kulihola lesithathu losuku. Kodwa lokhu yiLokho okwakhulunywa ngumprofethi Joweli, ‘Futhi kuzakwenzakala ensukwini zokucina,’ kutsho uNkulunkulu, ‘Ngiza thulula uMoya Wami phezu kwenyama yonke.’” Babefunzelelwa liLizwi, eLizwini. Kufanele kusenze thina indlela efanayo.

¹⁹⁸ Bangena ekwenzeni, yebo, lapho isithembiso Sakhe sagcwaliswa. Lapho, bebona ukuthi uJesu wabathembisa ukuthi Waye zathumela isithembiso sikaBaba phezu kwabo, Luka 24:49, “Khangelani, ngithumela isithembiso sikaBaba Wami phezu kwenu; kodwa hlalani lina.” Ukuhlala akutsho ukuthi khuleka, kutsho ukuthi linda. *Hlala* kutsho ukuthi “linda.” “Lindani phezulu lapho edolobheni lase Jerusalema lize ligcwaliswe ngaMandla avela Phezulu.” Futhi lapho leyimfunzelelo kaMoya oNgcwele ibatshaya, Yabagcwalisa. Balibona iLizwi, uJesu alithembisayo, ligcwaliseka.

¹⁹⁹ Manje, angazi nxa kuzathatha imfunzelelo efanayo kithi limini? Uba singabona lokho Akuthembisayo ukukwenza ensukwini zokucina, kugcwaliseka, luhlobo bani lwemfunzelelo zokuzasipha? Ini? Konke esikubonileyo kusenziwa kulezi nsuku zokucina kumele kusibeke ekwenzeni. Kufanele kusibeke sibili, kanye ngokuhlonipha lokuzehlisa.

²⁰⁰ Kungela thunyi lokuthandabuza, isitsho esenziwa iminyaka engamatshumi amathathu edlulayo, mayelana ngeNsika yoMlilo, leyo amakamera ayithathayo. Ikamera yenu yeTexas yakubamba kungasikude. Ukuhlola kwezesayensi, yakuphosela kuyo yonke inhlobo yokucubungula lokho ababengakuthola, ngeFBI. Futhi. . . [Indawo engalalutho ethephini—Mhl.]. . .? . . . Yathatha eTexas, yenzelwa owase Texas. Lapho ubona isiboniso, kangeke kwaliwe. Kuliqiniso. Kodwa ungalikholwa iLizwi lelo elilandela isiboniso? Isiboniso sifakazelwe ngokwezesayensi. Manje, ngolunye usuku lapho uJesu ephenduka futhi abambe abantu, yonke indlela abayiyo, kuzakwaziwa, futhi.

²⁰¹ Nanzelela, iNsika yoMlilo kufanele isibeke ekusebenzeni, lapho iNsika yoMlilo iqinisa isithembiso Sayo sensuku

zokucina. UJesu wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi ngiya kuNkulunkulu,” futhi lokho Ayezakwenza ensukwini zokucina. Futhi nangu Elapha, konke ngokwezesayensi lokomoya, eLizwini ekufakazela, ukuthi Wabuya evela kuNkulunkulu futhi lokhe eqhubeka engofanayo. Lokhe enguNkulunkulu, ngoba isithembiso ensukwini zokucina. Kufanele kusibeke ekwenzeni.

²⁰² Iziboniso zokuBuya ziseduzane. UJesu wathi, “Njengoba kwakuyikho eSodoma, ngaphambi nje umhlaba ungakatshiswa, umhlaba wabeZizwe,” lokhu kwaku zaphenduka. Kufanele kusifunzelele futhi kusibeke ekwenzeni, lathi. Lapho sibona iLizwi ligwaliseka, lelo Alithembisayo, kufanele kusibeke ekwenzeni.

²⁰³ Thina, njengomprofethi, sibonile impumela yenhlanganiso zamasonto aziphakamisayo ngokwabo, elahlekelwa yindawo yawo. Ngifuna lokho kuthambe ngokujulileyo, ngoba ngingezake ngiphinde ngikhulume kini futhi. Kodwa, madoda labafazi, ake ngitsho lokhu, futhi ngikhulume kini ngikhululekile, limini, eBizweni likaJesu Khristu. Amadoda lawo abacabanga kuhle, amadoda lawo abanga zikhukhumeziyo, abakhatshana kakhulu loNkulunkulu ngemikhuba; ukuthi, babone ibandla lePhentekhostali, libone amaBaptisti, Methodisti, lamaPresbyterian, libone ibandla leKatolika, lilahlekelwa yindawo yalo kuNkulunkulu, belahlekelwa yikubambelela kwabo eLizwini, lapho bevumela izivumakholo.

²⁰⁴ Nga—ngabuzisiswa ngumpristi, kungasikude, futhi wathi kimi, wathi, “Ngani, ngi . . .” Wangibuza ngento ethile, lezinto lezi. wathi, “Awu, ibandla leKatolika lalivame ukukwenza lokho.”

²⁰⁵ Ngathi, “Nini? Ibandla leKatolika lalingasiyo inhlanganiso okweminyaka engamakhulu amathathu emva kokufa kompostoli wokucina.”

Wathi, wathi, “Uzama ukuthetha indaba yakho ngeBhayibhili.”

Ngathi, “Yilo iLizwi.”

Yena wathi, “uNkulunkulu usebandleni Lakhe.”

²⁰⁶ Ngathi, “uNkulunkulu useLizwini Lakhe. Enye into yonke ibengamanga, futhi eYakhe iqiniso.”

²⁰⁷ Futhi wathi, “Awu, lelo liBhuku nje lelo—lelo amaKatolika akuqala alibhalayo.”

²⁰⁸ Ngathi, “Manje-ke ngingumKatolika wakuqala. Ngikhulwa lokho nje elaKutshoyo.” Kangi . . . ngathi, “Khona-ke . . .”

Wathi, “Awu, bona, silibandla elikhulu manje.”

²⁰⁹ Ngathi, “Manje-ke ulahleke ngaphi? Kuyini okwenzakeleyo? Uba ibandla lakuqala laxotsha amadimoni, futhi lafakaza

uJesu engophilayo phezu komhlaba, ngezibonakaliso zomoya lezimangaliso; futhi lapha ulenkulungwane zabameli, zonke inhlobo zabafazi abafileyo lamadoda afileyo, layonke into, besiba ngabameli. EBhayibhilini, upapa wakuqala wathi, ukuthi, ‘Kakula omunye omelayo phakathi kukaNkulunkulu lomuntu kodwa iNdoda uKhristu uJesu.’”

²¹⁰ Ulahlekelwa yikubambelela kwakho eLizwini, lokuvumela izivumankolo lokuziphakamisa ngokukhuthazwa ngabantu, sibabonile belahlekelwa yikubambelela kwabo kanye loMoya oNgewele. Sibonile amaPentekhostali esenza into efanayo. Futhi liyakubona khona. Lapho bezihlela, bayafa. Kakula ndlela yokubuyela emuva; kakukaze kube khona, futhi kakusoze kubekhona. UNkulunkulu umelana lalinto. Kuyisono sibili. Wathi ensukwini zokucina Wayezakuthi, “Phumani phakathi kwabo, bantu Bami, ukuze lingabambi izinto zabo ezingcolileyo; futhi Ngizalamukela.”

²¹¹ Njengo Uziya, kuyini azama ukukwenza? Wazama ukuthatha indawo yesikhundla esigcotshiweyo, isikhundla sika Nkulunkulu esigcotshiweyo. U-Uziya wazama ukuzithathela lelogunya, ngoba wayeyindoda enkulu.

²¹² Sibonile lezinhlanganiso ezokuzenzela ziminyanisa yonke into leyo enguNkulunkulu, futhi zizama ukuthatha isikhundla seBandla, iBandla eligcotshiweyo. Futhi ngezivumankolo, sithole ukuthi zifile ekungakholweni, futhi kazisoze ziphakame njalo. Bazafela esihonqweni saba lobulephero kanye labanye babo.

²¹³ Bona lapho? Ndoda, indoda ecabangayo, indoda ekholwa uMbhala ikubona lokho. Uba uzelwe nguNkulunkulu, uyakubona. UNkulunkulu ebonakalisa ngokucacileyo into, ukukufunzelela. Njengoba sitshumayelile iviki yonke, lezinto, ukuthi kuza kwenzani, ukukhanga ukulalela. Kuya kufunzelela, ukubona lapho abahambe khona lalokho okwenzakeleyo, munye lamunye wabo.

²¹⁴ Uba behlela elinye, lizakwenza into efanayo. Kodwa akuyi kuba khona ezinye futhi. Hatshi. Bona, sokuphelile khathesi. Sekuphuzile kakhulu khathesi.

²¹⁵ Balahlekelwe yikubamba kwabo, ngokuvumela izivumankolo lemfundiso ezenziwe ngabantu. Bayesaba, ukuza nje futhi bame Ngakho. Bona?

²¹⁶ Njengo Uziya ezama ukuzithathela indawo ye—yesikhundla esigcotshiweyo, ngoba waye ngumfo omkhulu, umfo omkhulu. Futhi phakathi kwabantu bakaNkulunkulu kakula bafo abakhulu. Sonke singabantwana bakaNkulunkulu. UNkulunkulu usipha omunye wethu into eyodwa yokwenza, futhi lenye into yokwenza, lokho akusenzi sibe ngcono kulomunye umuntu. Kwenza nje uNkulunkulu afune okunengi esandleni sakho, yikho kuphela.

217 Manje impumela yombono onjalo, futhi sesivala. Siqale ukukhulekela abagulayo, emizuzwaneni emilutshwane. Manje impumela yombono onjalo. Kuyini eyakwenzayo impumela kulumprofethi? Ngingazi ngomtshumayeli, ngingazi ngomvangeli, kumbe umelusi? Khangelani lokho umbono waLokhu okwenzileyo, lalokho akubonayo, lalokhu okwenzakalayo kuUziya ozenzela okwakhe. Futhi-ke, lanxa eyindoda enkulu leyo uNkulunkulu ayeyihloniphile, into enkulu, bayibona ifile. Yimpumela bani okwaba layo kumprofethi?

218 Nanku lokho okwakwenzayo. Kwambangela ukuvuma ngokwakhe ukuba yisoni ngokuzihlanganisa kanye lokunjalo. Wavuma, “ngiyindoda yendebe ezingcolileyo, futhi bengihlala phakathi kwabantu abalendebe ezingcolileyo.” Kumenza avu- . . . umprofethi, hatshi umtshumayeli. Umprofethi wavuma ukuthi wayengumuntu oyisoni, ngoba wayezihlanganisa kanye lokunjalo.

219 Manje-ke kwasekusithini? Lapho evuma izono zakhe, khona-ke kwasekusiza ukuhlanzwa. O, kawungeke uhlanzeke esonweni sakho uze uvume ukuthi yisono, uze unanzelele ukuthi yisono. Khona-ke kwasekusiza ukuhlanzwa, khona masinya lapho esithi, “Maye kimi, ngoba amehlo ami abonile isiqinisekiso sikaNkulunkulu omkhulu. IziNgilosi, abaTshisi, abeMihlatshelo zilapha, futhi insika ziyanyikinyeka eLizwini laZo, futhi nanzi Zilapha kulumbono, ziphapha emuva laphambili.” Wayebone enye into eqotho. Umbono wawusehle phansi. Wathi, “ngingumuntu wendebe ezingcolileyo, futhi ngihlala phakathi kwabantu abangcolileyo.” Wathi, wakhalela isihawu futhi wazibiza isoni.

220 Khona-ke kuyini okwenzakalayo? Elinye lamaKherubhi laya elathini, futhi lathatha udlawu futhi laphakamisa ilahle elivuthayo, lalibeka esandleni Salo. Lingasalithwali ngodlawu manje; lathatha ilahle, lalibeka esandleni saLo, futhi labuya lalibeka phezu kwendebe zomprofethi, futhi lathi, “Ububi bakho. . .”

221 Ububi, kuyini ububi? Ububi yinto leyo oyaziyo ukuthi ayilunganga, futhi ube ulokhu ubambelele kiyo. Lapho usazi izivumankolo zakho ukuthi azilunganga, futhi ube ulokhu ubambelele kizo, lobo yibubi.

222 Kodwa lapho evuma ukuthi wayemubi, kwaba lamandla ahlanzayo. Wathatha ilahle loMlilo. Linanzelele ukuthi uNkulunkulu wenza njani. . .

223 Siyabona ukuthi uNkulunkulu ubeka kanjani inceku Zakhe ehlelweni, futhi lalokho Amlungisa ngakho; ukuthi wayezakwenza njani, ezithobile, ehlonipha, futhi wazibeka ngokwakhe ekwenzeni.

224 Khangelani, lapho ehlanza inceku, Akazange akwenze ngeseminari yabafundisi. Akazange akwenze ngenqumbi

yamabhuku. Siyathola lapha ukuthi uNkulunkulu uyahlanza inceku Zakhe ngoMlilo. Ilahle loMlilo lathinta umprofethi, lahlanza indebe zakhe. UNkulunkulu uyahlanza iceku Zakhe ngoMlilo Wakhe oNgcwele. Hatshi ngamabhuku, hatshi ngemfundo, isayensi zenkolo; kodwa Wahlanza inceku Zakhe ngoMlilo.

²²⁵ Khona-ke khona masinya lapho esevumile futhi wahlanzwa, manje-ke kwasekulandela ukuthunywa. Okokuqala kwakufanele avume, manje-ke kwakufanele ahlanzwe, futhi manje yikuthunywa. Kwaku lapho-ke ukuthi uSaya owahlanzwayo wamemeza...Lapho esizwa iLizwi likaNkulunkulu, wathi, “Ngubani ozaSihambela?”

²²⁶ Khangela emuva embalini, lapho ubala lokhu, lapho usiya ngekhaya, kuyini okwenzakala kuIsrayeli. Waye fike efanayo (ngaphi) indawo esiyayo. Babebize...Yonke imihlatshelo yabo lezinto zasezibe yimikhuba kibo. Kwakungela kuqiniseka. Kabazange bahloniphe iLizwi likaNkulunkulu. Yikho lapho uNkulunkulu avusa uSaya, ukumtshela ukuthi imihlatshelo leyo yayinuka emakhaleni Akhe. Akazange ayifune. Yayi yinhlamba Kuye, khona-ke Waye sengasafuni ulutho lokwenza ngabo. Futhi lapho...LuSaya wahlanzwa futhi eselungele ukuyatshumayela iVangeli-ke.

²²⁷ Futhi iLizwi likaNkulunkulu lathi, “Manje kulesidingo. Lezi zinto kufanele ukuthi zikhulunywe.” Futhi elinye iLizwi lathi komunye, iNgilosi ziphapha, lathi, “Ngubani ozaSihambela?”

²²⁸ Khona-ke uSaya, ngenhliziyo ehlanzekileyo; ihlanziwe, yavuma, yahlanzwa futhi yathunywa, umbono; wathi, “Nangu mina ngilapha, Nkosi, ngithume. Ngithume. Nangu mina ngilapha, ngithume.”

²²⁹ Nkulunkulu, thumela iNgilosi Zakho ezingcwele lamuhla. Fumana uSaya Wakho kwenye indawo, umkhuleko wami. Ka—kangi...ngiyakutsho lokhu nje ngoba ngiyakwazi ukuthi Ulapha.

Lapho ilahle loMlilo selithinte umprofethi,
Lamenza wahlanzeka ngokuhlanzeka konke,
Lapho iLizwi likaNkulunkulu lisithi,
“Ngubani ozaSihambela?”

Khona-ke waphendula, “Nkosi, ngilapha,
ngithume.”

²³⁰ Wayengasesabi lapho-ke eleLizwi. Waye ngumprofethi; iLizwi lalingeza kuye. Yena waye...Konke ukungakholwa kwakhe lemikhuba yayingasekho. Waye ngama phambi kwaleso sikhathi semikhuba, futhi abatshele, “Imhlatshelo yenu iyanuka emakhaleni kaNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu lowo elithi liyamkhonza, uzalibhidliza.” Yikho lokho Akutshoyo. “UNkulunkulu elithi liyamkhonza, uzalibhidliza,” futhi Wakwenza.

Bathi, “Isiboniso!”

Wathi, “Ngizalipha isiboniso esikhulu; intombi emsulwa izakhulelwa.”

²³¹ UIsaya waloba izahluko ezingamatshumi ayisithupha lesithupha eBhukwini lake, futhi kulamaBhuku angamatshumi ayisithupha lesithupha eBhayibhili. Uqala ngesiqalo sendalo, futhi acine kuMileniyamu njengalokho iBhayibhili lonke elikwenzayo.

²³² Lowo mprofethi omkhulu kaNkulunkulu, lowo owayezimisele ukuvuma ukuthi yonke imikhuba yabo yayimibi; futhi aye phansi lapho futhi ahlanzwe, futhike iLizwi likaNkulunkulu lalibuye kuye. Khona-ke wathi, “Sengilungele ukuhamba, Nkosi. Sengilungele. Ngizakhuluma lokho Othi ngikukhulume. Ngizakutsho lokho Othi ngikutsho.” Wayeselungele ukuhamba.

²³³ Nkulunkulu, lethla iNgilosi njalo, limini, uMoya oNgewele loMlilo futhi uhlanze inhliziyi zabafowami, yonke indawo. Mababe zimfunzelelo ezinjalo kuze kuthi abanye babone futhi bethande ukulandela, labo.

²³⁴ Kasikhothamiseni amakhanda ethu. Ngokuthula:

Lapho ilahle loMlilo selithinte umprofethi,
Limenza ahlanzeke ngokuhlanzeka konke,
Lapho iLizwi likaNkulunkulu lathi, “Ngubani
ozaSihambela?”
Khona-ke waphendula, “Nkosi, ngilapha,
ngithume.”

Ngokuthula khathesi, sonke ndawonye.

Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,
Khuluma, futhi ngizaphangisa
ukuKuphendula;
Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,
Khuluma, futhi ngizaphendula, “Nkosi,
ngithume.”

Izigidi khathesi esonweni lasehlazweni ziyafa;
Lalela ukukhala kwabo okulusizi
lokubhulungu;
Phangisa, mfowethu, phangisa ekukhululweni
kwabo;
Phendula masinya, “Nkosi, ngilapha mina.”

Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,
Khuluma, futhi ngizaphangisa
ukuKuphendula;
Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,
Khuluma, futhi ngizaphendula, “Nkosi,
ngithume.”

²³⁵ Makesiyi vungunyeni, ngokuthula. [UMfowethu Branham uqala ukuvungunya *Khuluma, Nkosi Yami*—Mhl.] Masehleni siye ethempelini khathesi.

Lalela ukukhala kwabo okulusizi lokubhulungu; (O, mfowethu, woza kanye lami, kawusoze na?)

